# EL-SHADDAI

Ngiyabonga, mfowethu.

2 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko. Bangaki abangathanda ukukhunjulwa, kulobubusuku, emkhulekweni nje ngokuphakamisa izandla zenu, ngiyacela? Ngiyabonga.

3 Baba waseZulwini onomusa, kulobubusuku siyabonga ukuthi simi ethunzini lomusa waKho, futhi sikhulekela ukuthi lezozihe zobuNkulunkulu sizoziphiwa. Sijabula kakhulu ukuthi uJesu wasifela ngenkathi siseyizoni, futhi manje usisondeze kuNkulunkulu ngokuchitheka kweGazi laKhe ukuze sithethelelwe izono zethu, futhi—futhi sibe nelungelo eMthini wokuPhila.

4 Futhi kulobubusuku, njengoba siqalaza phakathi lapho, egumbini labaphuthumayo futhi sithola labobantu abayigugu begula kakhulu, futhi kuye ekufeni ngqo, cishe, nokuzwa lawomandla obuNkulunkulu kaNkulunkulu engena, njengamagagasi phezu kwe—kwesakhiwo, siyazi, Baba, ukuthi Useduze ukunikeza umusa kubo bonke abazobiza kuWe futhi bakholwe.

5 Baningi abahlezi phakathi lapha kulobubusuku, Nkosi, emathunzini okufa, kwangathi, lapho lenkonzo isiphelile, kwangathi ukufa kungahamba, siphe khona, Nkosi, futhi kwangathi ukuphila kukaNkulunkulu kungangena, kunikeze ukuphila okusha, namathemba amasha, impilo entsha kulabo abagulayo nabahluphekile. Kulabo abangenaye uNkulunkulu, futhi bengenaKristu ezweni, behlukanisiwe, kwangathi ukuKhanya okukhulu kungakhanya endleleni yabo kulobubusuku, kwangathi bangaba ngabafundi baKho.

6 Sithethelele nganoma yini esiyenzile noma esiyishilo engavimbela lomkhuleko ukuba uphendulwe. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha amatomu omhlangano futhi usoke izinhliziyo zethu zisuke ekungakholweni ziye ekukholweni kuNkulunkulu, ukuze uNkulunkulu asebenze ngathi kulobubusuku, ukuba enze intando yaKhe ezimpilweni zethu, nangabanye. EGameni likaJesu, siyakhuleka. Amen.

7 Hlalani phansi. Kuyinhlanhla enkulu ukuza nokukhulekela abantu. Izikhathi eziningi ukuthi, njengoba bengisho egumbini labaphuthumayo emizuzwaneni embalwa nje edlule kwabanye abantu abayigugu abanamandla ukuba bakhulekelwe, "Izibonakaliso aziphulukisi." Niyabo? Lokho kwakungukuqinisekiswa kuphela kokuthunywa kwami—kwami ukukhulekela abantu abagulayo. Umbono ubungeke neze uphulukise noma ubani, kanjalo noma yisiphi esinye

isibonakaliso besingeke siphulukise noma ubani. Kodwa yi—yi, ukuqinisekiswa kokuthunywa, ngenkathi Ekhuluma kimi ngalobobusuku eminyakeni eyishumi nane eyedlule, ziyisikhombisa kuMeyi, Wathi, "Wazalelwa ukuba ukhulekele abantu abagulayo," futhi wangitshela ukuba ngiye emhlabeni wonke.

Futhi ngathi kuYe, "Bangeke bangikholwe, ngoba angifundile, futhi ngi . . . "

8 Futhi Washo njengoba uMose wanikwa izibonakaliso ezimbili, ukuthi ngiyonikwa izibonakaliso ezimbili. Wathi esokuqala, abantu bayobeka izandla zabo phezu kwami, futhi khona-ke ngiyokwazi, uma ngingasebenzisi ingqondo yami uqobo, nje—nje ukubatshela ukuthi yini eyayingalungile, Uyokukhuluma. Wayesethi-ke, "Uma uzoba qotho, kuzofezeka ukuthi uzokwazi yona impela imfihlo yenhliziyo yabo."

9 Futhi nonke niyayazi indaba, futhi niyifundile incwadi. Yilokho engangikukhonele lapho. Abaningi babazalwane bami bangitshelile ukuthi lokho kwakungokukadeveli. Manje, ngiyayithanda iNkosi uJesu, ngangingafuni lutho lukadeveli, futhi ngakho ngangilapho ukuba ngihlale kuze kungishiye lokho. Kwase kuthi-ke ngenkathi Engitshela ngomBhalo, khona-ke ngangazi ukuthi Wayeqinisile; iNcwadi yayiyintsha kimi.

Futhi Washo, ukuthi, ngalokho bayokholwa.

10 Manje niyabo, lokho akusikho . . . Ngoba engiswele ekubeni ngumshumayeli, nginemfundo, lesi nganikwa sona ukuba ngikhokhele lokho. Lapho indoda enenhle, imfundo enobuqili, futhi yazi ukuthi ibingakwazi, futhi yazi kahle iNcwadi, futhi yayinemfundo yasesikoleni, ibiyokwazi ukuKuchaza ngangokuthi, yabizelwa ukuba ngu—umshumayeli, njengohlezi lapha nami kulobubusuku. Abashumayeli abalungile, nabavangeli, nabelusi, babizelwe lokho, awu, lapho engisilele khona kulokho, lokhu okunye kuyakwenza lokho. Kodwa ngangifanele, ukuba ngikhulekele abagulayo. Nomkhuleko yiwo oguqula izinto, niyabo.

11 Niyazi umkhuleko ungaguqula umqondo kaNkulunkulu na? Benikwazi lokho na? Uyakwenza, yebo. Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi eBhayibhelini wakwenza. Niyakhumbula na?

12 Sibe nesidlo sasekuseni esincane esithobeke kakhulu, kulokhu ukusa engake ngaba kuso, kuyo yonke impilo yami. Isikhathi esikhulu kangaka ebesinaso ngasenhlanganyelweni yalaba belusi lapha! NoMfowethu Hobson lapha, wenze ukuphawula ukuthi, uma bengingezukuqhubeka no-Abrahama kulobubusuku, ngingathanda ukudonsa enye—enye ingqikithi kulokho. Wasixoxela indaba, eyayishaqisa kakhulu yamadoda amathathu eyayisehhotela, noma indawo a—ashiya okwawo . . .

Ikheshi lafa, babefanele bahambe umenyuko ohlangene wezitebhisi ezingamashumi ayisikhombisa.

13 Avumelana ukuthi phezulu kakhulu ayezo, ngayinye yayizosho ukuthi kanjani lokho, isehlakalo esithile sempilo. Izitezi ezingamashumi amabili, eyodwa yalandisa, futhi amashumi amahlanu, izitezi ezingamashumi ayisithupha, elandelayo yalandisa ngesehlakalo sayo, futhi esiqongweni umfo wathi, "Awu, esikhulu, isehlakalo engibe naso, esinye esiyinqaba kakhulu sikhona manje, ngishiye okhiye bami edeskini."

14 Ngiyamangala nje uma izikhathi eziningi ezehlakalweni zethu zePentecostal zokuzama ukwakha indlu yokukhonzela enkulu, noma senze okuthize ukuze singenise inqwaba yabantu, uma singawushiyi ukhiye, ongaphezu kwemvelo, esikumele ngempela, iPhentekoste, uma singawushiyi edeskini. Uma kwenzeka, asehle ngezitebhisi ngokukhulu ukushesha kulobubusuku, futhi siwuthole, ukuze sikwazi ukuvula umnyango, ngoba bekungeke kwenze mehluko omkhulu ukuthi sikhwele phezulu kangakanani, inqobo nje uma sasingenalutho ukuba singene emva kokuba sesifike lapho.

Lokho bekukuhle kakhulu, mfowethu, ngikuthokozele ngempela lokho.

15 Inhlanganyelo enhle kangaka ebesinayo kulokhu ukusa, futhi ngijabula ngempela ukwazi ukuthi uYakima inesigejane esihle sabelusi lapha. UNkulunkulu. . .Balaleleni, mfowethu nodadewethu, balaleleni, bazonitshela indlela yokuPhila.

16 Manje, ngihlale ngileyithi. Mina, uMama wathi ngazalwa sekuleyithi kancane, futhi njalo esikoleni ngangileyithi, ikhadi lami leriphothi lalithi, "Emva kwesikhathi, emva kwesikhathi, emva kwesikhathi, emva kwesikhathi," kwehle njalo. Ngenkathi ngishadelwa, ngangileyithi futhi, ngamgcina elindile cishe ihora nengxenye, futhi ngadingeka ngishaye ucingo logulayo kuqala. Futhi ngakho, uma nje ngingaba leyithi emngcwabeni wami, manje, kuzolunga.

17 Ngingena eBandleni i-Evangelical United Brethren eNew Albany, e-Indiana, maduze nje, futhi nje ngangileyithi cishe ingxenye yehora, nomelusi wasukuma, labobantu, base belungele ukuya ekhaya ngalesosikhathi, futhi bathi, umelusi wathi, "Manje ngethula kini uMnu. Branham ongasekho."

18 Awu, kungikhumbuza ngo, uMfowethu Sweet, ulapha ndawondawo kulobubusuku, uMfowethu Sweats, njalo, ubelapha kulokhu ukusa emhlanganweni. Besingale eJamaica maduze nje, sahlangane eKingston, ngenkathi ngisenkundleni yomjaho, futhi wayengiculela. Futhi ngalobobusuku, umuntu odumileyo wesiqhingi, wayesikhiphele isidlo sasemini seBusinessmen, nabantu babelapho yonke indlela bevela eCuba ukuzothamela lesi sidlo sasemini, abakhiqiza izicathulo,

abasebenzi bomoba, kanjalonjalo. Futhi ngakho omunye umfo wathi kimi, wathi, "Ungumshumayeli na?"

Ngathi, "Ngithemba kanjalo."

Wathi, "Wenzani uzulazula naleChristian Businessman na?"

Ngathi, "Awu, ngi—ngi—ngingusomabhizinisi."

Wathi, "O, ungusomabhizinisi na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Wenzani na?"

Ngathi, "Ngingumthengisi."

Wathi, "Uthengisani na?"

Ngathi, "Isiqiniseko." *Isiqiniseko*, hhayi *umshwalense*, *isiqiniseko*.

Wathi, "Ini," akangiqondanga kahle, wathi, "mshwalense muni lowo na?"

Ngathi, "*ISiqiniseko esiBusisiwe*."

Futhi wathi, "O."

19 "Ngiyawuthengisa lowo." Ngathi, "Uma noma ubani lapha kulobubusuku, ekhathalele ipholisi yomshwalense, ngingathanda ukukuxoxisana nawe, impela ngingathanda ukukutshela ngawo. Mina, umsebenzeli weNkampani yoMshwalense wokuPhila okuPhakade."

20 Ngakho, ngingathanda ukukuxoxisana nanoma yimuphi wenu nxazonke e-altare lapha, futhi ngineqiniso ukuthi singakwazi, sinezisebenzi ezithile lapha, ziyogcina ipholisi yomshwalense ngqo futhi uqhubeke, niyabo, bawugcina uqhubeka.

21 Umngane wami, uWilmer Snyder, unomfowethu oyiBaptisti phandle lapha ndawondawo, eshumayela, uCourtney. Uma elapha, ngingathanda ukukuxhawula futhi, Court. Futhi uWilmer nami sasingoshomi abakahle kakhulu esikoleni, futhi wathi, ngolunye usuku waqala ukuthengisa umshwalense, ngakho ukhuphukela endlini yami, wayesethi, "Billy, ngingathanda ukukhuluma nawe ngomshwalense."

22 Manje, umshwalense ulungile, kodwa anginawo owalolohlobo. Sihlala njalo sikhokha kumngcwabi, kungani singanikezi okunye ku*Mqhubi waphezulu*, esikhundleni somngcwabi na? Ngakho—ngakho ngi . . . Umshwalense ulungile, niyakuqonda lokho. Angisho lutho nge . . .

Wathi, "Billy, ngingathanda ukukhuluma nawe ngomshwalense othile."

Ngase ngithi, "O, nginawo, Wilmer."

"O," wathi, "ngixolele."

"Umfowethu ungumdayisi womshwalense."

Ngakho wathi, "O, ngiyaxolisa," Wathi, "Bengingeke ngiphazamise uJese, umfowenu."

Ngathi, "Qhabo." Ngathi, "Nginesiqiniseko."

Futhi wathi. . .Nomkami wangibuka ngimi lapho sengathi nganginguumzenzisi. Niyabo? Wabheka ngale, wacabanga, "Awu, yini lena na?"

Wayesethi, "Unayiphi inkaphani na?"

Ngathi, "UkuPhila okuPhakade."

Futhi wathi, "O," wathi, "lokho kuhle kakhulu, Billy, kodwa ngizokutshela okuthize, leyo ngeke ikufake emathuneni phandle lapha."

Ngathi, "Qhabo, kodwa izongikhipha. Angikukhathalele ukungena," ngathi, "Ngikhathalele ekuphumeni."

23 Ngakho, uma noma ubani ekhathalele ipholisi enjalo, futhi engenayo, awu singathanda. . .Ngabe kunjalo, bazalwane na? Siyizisebenzi zalowo kulobubusuku. Yebo, mnumzane. Angikhathazekile ngokungena emathuneni, into ukuphuma. Ngakho, yilokho engizama ukukusho, yindlela yokuphuma, noKristu uyileyondlela. Futhi ngijabula kakhulu nginesiqiniseko.

24 Futhi khona phambi kwethu, ngamunye wethu, kubekwe omkhulukazi, umnyango omnyama, ngiyazi ubekwe phambi kwami, njalo lapho inhliziyo yami ishaya, ngisondela ngokushaya okukodwa kulowomnyango, ubizwa ngokuthi ukufa. Futhi lapho ngifika kuleyondawo lapho engazi khona ukuthi ukushaya kwami kokugcina kuyashaya, futhi ngifanele ngingene kuleyondawo, angifuni ukuhamba ngidazuluka njengegwala, ngifuna ukuzisonga ngezingubo zokulunga kwaKhe, futhi ngingene ekufeni kwami, ngazi lokhu: ukuthi ngiyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe, ukuthi lapho Ebiza, ngiyophuma phakathi kwabafileyo ngoluny'usuku. Futhi leyo yinhloso yethu yokuba lapha ingeyalokho.

25 Manje, si. . .Ngizozama ukuqeda indikimba yami kulobubusuku ka*Jehova-Jira* uma kungenzeka. Sivele sathatheka nje izolo ebusuku *kangako*, kukho. Ngakho, sisuke ku-Abrahama, izolo ebusuku, ohambweni njengekhehla elineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, ukuthi uNkulunkulu wayembizile, futhi wayebize ukwehlukana okuphelele. Futhi sifundile esifundweni sethu izolo ebusuku ukuthi uNkulunkulu udinga ukwehlukana okuphelele nalo lonke izwe. NomBhalo uthi, "Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe," lokho kuya eNzalweni ka-Abrahama, "uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe."

26 Ngakho sifanele sifinyelele endawaneni kuNkulunkulu, indawo emseni waKhe, kuze kube zinto nezinjabulo zezwe, a—angiqondile izinjabulo zomzimba njengokuthi ubungaphuma

futhi uhlale ngaphansi kwesihlahla futhi uzigcine upholile, noma ugibele kancane emotweni yakho, kodwa ngiqonde izinjabulo *zezwe*, ukuphuza, ukugembula, nezinto ezimbi, uma usazithanda lezo, uthando lukaNkulunkulu alukho kithi. Singazihlola kanjalo-ke ukubona ukuthi sinakho yini ukukholwa noma qhabo lapho izinto zezwe ifile futhi zingasekho kithi.

27 Futhi khona-ke u-Abrahama, sathola ukuthi, akamlalelanga uNkulunkulu kahle nje. Manje, walungiselela futhi waba nokukholwa esithembisweni. Kodwa niyabo, sisengaba nokukholwa esithembisweni bese kuthi-ke singalaleli, kusalokhu kuyosivimbela.

28 Manje, ungathi, "Ngiye nga . . . ngi—ngiyakholelwa kuMoya oNgcwele, ngikholwa ukuthi ngifanele—ngifanele ngibhaphathizwe ngoMoya oNgcwele." Manje, akunandaba ukuthi ukholwa kangakanani, ufanele *ulalele* lokho kuthunywa, niyabo. Ukukholwa nje kuphela ngeke kusebenze, ngoba "ukukholwa ngaphandle kwemisebenzi kufile." Kunjalo.

29 Njengamakholwa athiyeka emnceleni, nje, abantu namhlanje, niyathola, eBhayibhelini Lithi, "Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, bahlubuke, ukuba babuye bavuswe baphenduke; lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu kabusha, futhi bathi iGazi lesiVumelwano, angcweliswa ngaso, into engengcwele, futhi bahlambalaza imisebenzi yomusa."

30 Manje, kumaHeberu 10 kuyasho futhi, "Kuyinto esabekayo ukuwela ezandleni zikaNkulunkulu ophilayo."

31 Nalabobantu, nibabonile beza esontweni, bayofika futhi bayothi, "O, yebo, ngi—ngiyakholwa. Yebo, mnumzane. Ngi . . . "

32 Kodwa bayo, bayakukholwa, kodwa abasoze babeka izandla zabo kukho ukuphendula isondo elilodwa ukukusiza kuqhubeke. Niyabo? Manje, lokho kunjengoba kwakunjalo nje eBhayibhelini, njengoKalebi noJoshuwa bebuya nobufakazi obubonakalayo ukuthi babekade bengaleya ezweni, kodwa lawo amanye amakholwa, athi, "O, kukhulu kakhulu, ngeke sakwenza." Kodwa babeqhubeka ngokufanayo nje, abakaze bangene ezweni lesithembiso, labo nje ababuya nokukholwa ukuthi besingakwenza.

Manje, ukuba-ke leloqembu belibhekile na? Manje, bathi, "Ngani, a—ama-Amori, kanjalonjalo, ngani, sibukeka njengezintethe kubo!"

33 Awu, kodwa niyabo, uKalebi noJoshuwa bathulisa abantu, ngoba babengawabuki ama-Amori, ukuthi ayemakhulu kangakanani, ukuthi imizi yayimikhulu kangakanani, kodwa babebuka isithembiso, UNkulunkulu wathi, "Ngininike izwe,

lingelenu." Manje, uNkulunkulu uninika ukuphulukiswa kwenu, ngamunye wenu, kungokwakho.

34 Awu manje, uNkulunkulu akazange nje aye lapho, athathe umshanelo, futhi washanela wakhipha iKhanani, nawo onke ama-Amori, namaHeti, na—nabo bonke, futhi wabashanela wabakhipha, wathi, "Wozani ningene Israyeli, leli lingelenu, sesinitshalele ngisho nezitshalo."

35 Qhabo, mnumzane, babefanele balwe onke ama-intshi endlela, kunjalo, kodwa babenesithembiso sokunqoba, UNkulunkulu watshela uJoshuwa, "Nomaphi lapho amathe onyawo lwakho enyathela khona, lokho Ngikunike khona." Ngakho amanyathelo ayesho ifa. Kukhumbule lokho, dade osesihlalweni esinamasondo. Amanyathelo asho ifa, njalo lapho amathe ezinyawo zakho ethinta, yilokho-ke, thatha lowomhlabathi angako.

36 Uthi, "Angikwazanga ukunyakazisa umunwe wami izolo, kodwa ngingawunyakazisa namhlanje." Ninaleyompahla engako, yibani nilokhu niqhubeka nje, yebo, yibani nilokhu niqhubeka nje. Kusasa unganyakazisa isandla sakho, ngosuku olulandelayo izingalo zakho, khona-ke into yokuqala uyazi, nakhu usuhamba. Yiba ulokhu uhamba nje, uyabo. Amanyathelo yifa.

37 Lapho ufika ekulaleleni ngokuphelele, khona-ke ungaba nefa. Kodwa uze ulalele ngokuphelele! Ufanele unikele ngokuphelele imicabango yakho uqobo, intando yakho uqobo, ingqondo yakho uqobo, futhi uvumele umqondo kaKristu usebenze kuwe.

38 Manje, ucabanga ukuthi uKristu ubeyo, umqondo kaKristu, kuwe, ubuyothi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule"? Ucabanga ukuthi umqondo kaKristu kuwe ubuyothi, "IBhayibheli liqinisile kwezinye izindawo, futhi hhayi kwezinye"? Umqondo kaKristu ubuyovumela lonke iZwi uKristu ake alisho, Liqinisile. Ngakho uma . . . Awusebenzisi ingqondo yakho uqobo, sebenzisa ingqondo yaKhe nje.

39 Ikanjalo imibono ngesikhathi sasebusuku, uma ngisebenzisa ingqondo yami uqobo, kanjani, bengingenzani na? Bengingenze lutho. Kodwa nje ngizinikele kuYe, futhi khona-ke Usebenzisa ingqondo yami, amehlo ami, umlomo wami. Uyikho konke okwami, vele uzinikele, yileyondlela owenza ngayo.

40 Yileyondlela lababefundisi abenza ngayo lapho beshumayela iVangeli. Basukumela lapho bese bethatha indikimba, ngani, baqala nje ukushumayela futhi bazinikele kuNkulunkulu, bangabefundisi, into yokuqala niyazi uMoya oNgcwele mhlawumbe ubathathe ubayise kwenye indikimba, ubayise kwenye indawo.

41 Omunye wathi kimi esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "awulokothi uhlale nendikimba yakho, ubufanele uhlale emgwaqeni omkhulu."

42 Ngathi, "Wonke umuntu engimshumayezayo akahlali emgwaqeni omkhulu. Ngifanele ngehle ngomgwaqana ngesinye isikhathi ukuba ngicoshe oyedwa ezansi *lapha*, ndawondawo. Ngakho ngifanele ngehle ngiye kwenye indawo, lapho nje Engiholela khona."

43 Lokho kuthi akube yindlela okuhamba ngayo, akunjalo, bazalwane na? Wena ufanele wehle emgwaqeni omkhulu ndawondawo, futhi wehle *ngapha*, bese ucosha oyedwa *lapha*, na*ngapha*. Awazi ukuthi uyakusho, kodwa nje ulandela indlela Akusho ngayo, kukhuluma komunye umuntu phezulu *lapho*, ezansi *lapha*, *laphaya*, ndawondawo, kungokwabo, uma nje ulandela ukuhola kwaKhe.

44 Manje ngakho, futhi ekugcineni siyathola ngenkathi u-Abrahama efika ekulaleleni ngokuphelele, futhi ufika endaweni ayekuyo, yonke into iphumile endleleni, uyise wafa, uLoti wazehlukanisa no-Abrahama, khona-ke uNkulunkulu watshela u-Abrahama, "Sukuma udabule ezweni, lingelakho lonke." O, ngi—ngiyakuthanda lokho! Njalo lapho ngicabanga ngalokho, ngithola umuzwa wenkolo ngokushesha nje lapho ngikwenza. Niyabo? "Sukuma udabule ezweni, ngoba ulidla lonke."

45 Yileyondlela esenza ngayo ngaleliBhayibheli. Ngokushesha nje lapho siba ngamaKristu futhi sigcwaliswe ngoMoya oNgcwele siyiziNzalo zika-Abrahama nezindlalifa zazo zonke izithembiso. Ngakho hamba nje udabule ezweni, konke okuncinyane kwalo kungokwakho, bona ukuthi unani. Bonani uma uMoya oNgcwele unguye namuhla njengoba ubunjalo izolo, ubone ukuthi yonke into uNkulunkulu ayethembisile ayifani yini nje, niyabo, ingeyakho.

46 Ngenkathi uKristu efa, niyazi ukuthi Wenzani na? Wakunika ibhuku lamasheke ngenkathi uba ngumntwana waKhe. Futhi ekugcineni kwawo onke amasheke kuneGama likaJesu. Manje, into kuphela ofanele uyenze ngukusayina kanye naYe lelisheke. Impela, awesabi ukuthi Angeke aligcine—Angeke aligcine iZwi laKhe, iBhange laseZulwini aliyikulihlonipha, "Celani uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza." O, he, isithembiso esinje pho!

47 Ngabe u. . .? Ungalifaka igama lakho eshekeni kanye naYe, kulobubusuku na? "Ngemivimbo yaKhe, ngaphulukiswa. Mina, uWilliam Branham, ngaphulukiswa, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, ngemivimbo yaKhe." UneGama laKhe lisayinwe eGazini laKhe uQobo ekugcineni kwalo, uBaba uzokuqonda lokho, kuzame kanye nje. Ungakuzami, kwenze nje. Noma ubani angazama, kuthatha umuntu owaziyo ukuthi benzani ukukwenza. Kunjalo. Akusikho

*ukuzama*, asihambi ekuzameni. Uma unokukholwa, ungazami, hamba ukwenze, ngoba uyazi ukuthi ungakwenza.

48 Ngakho ngenkathi u-Abrahama elalela futhi wathola isibusiso, uNkulunkulu wathi, "Manje wenze nje lokho eNgikutshele khona, hamba udabule ezweni, konke okuncinyane kwalo kungokwakho."

49 Sase-ke sithola, kamuva, izolo ebusuku enkambweni yethu yokutadisha ngo-Abrahama, njengoba simkhuphulela lapho abiza khona uJehova-jire, siyathola, phakathi lapha, ukuthi u-Abrahama ufika kwenye indawo lapho uNkulunkulu ayezoqinisa khona lesisivumelwano.

50 Manje, uma niqaphela, ngifuna ukuma nje okwesendlalelo lapho engiqhubeka khona, uNkulunkulu njalo unikeza izibonakaliso nezimanga zokuqinisa izithembiso zaKhe.

51 Manje, bangaki phakathi lapha omukele uMoya oNgcwele na? Phakamisa isandla sakho, bangamaKristu azelwe ngokusha. Leso yisiqinisekiso sokuthi UsenguNkulunkulu. Ngabe kunjalo na? Leso yisiqinisekiso ukuthi UsenguMphulukisi. Umuntu ubengake ashumayele kanjani ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngaphandle kokushumayela, e, ukushumayela umusa wobuNkulunkulu ngaphandle kokushumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu na? Angazi.

52 Yini ukugula na? Ukugula kuyingxenye engehlukaniseki yesono. Ngaphambi kokuba sibe nanoma yikuphi ukugula, sasingenasono. Isono sifika njengomphumela wokugula, mhlawumbe hhayi isono sakho, kodwa isono sabazali bakho. Njengoba nje kwehliselwa kuwe ngenkathi uzalwa, kanjalonjalo.

53 Manje, awudingi ukuba nje, uma udrago omkhulu, noma—noma isilwane, njengebhubesi isidladla salo sasihhukeke ohlangothini lwami, kwakuyithumba noma umdlavuza, futhi kuzama ukungibulala, asikho isidingo sokuzama nje ukunquma unyawo lwalo ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, uma nje ulishaya ekhanda kubulala yonke into.

54 Futhi ngenkathi uJesu efela isono, Wafela zonke izingxenye ezingahlukaniseki isono esake saziveza. Niyabo? Ngakho ngenkathi isono sesiphelile, sase siphelile *sonke*, icebo eliphelele lokuhlengwa. Ngakho si . . . Ulishaya nje ekhanda ngombuzo wesono, ubulale isono, ubulala yonke ingxenye engehlukaniseki. Niyabo?

Uthi, "Yini isono na?"

55 Ukungakholwa. Ngakho lapho ubulala konke ukungakholwa, ngani, uyazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile, ukuthi Unguye izolo, naphakade, ngakho zonke izithembiso zingezakho. Hamba udabule izwe, lonke lingelakho, lingelakho. Lujabulele nje, lingelakho, uNkulunkulu ukuphe lona, umusa kaNkulunkulu unipha lona, lingelenu lonke. Lapho

umbuzo wesono usuphelile, sewemukele uMoya oNgcwele, yonke into oyidingayo ohambweni lwempilo ikhona lapho eBhayibhelini ngawe, yonke into oyidingayo.

56 Namhlanje, kukhona owesifazane ohlezi emhlanganweni kulobubusuku, unkosikazi womfundisi owehla evela eTacoma, futhi ngibe nengxoxiswano encane nowesifazane namhlanje, futhi ehlezi lapho. Owesifazane wayenokuthile, odokotela base beshilo, into *ethize-thize* kuye, nento ethize phakathi lapho, futhi waye—futhi wayelungiselela ukufa.

57 NoMoya oNgcwele, uhlezi ngqo egumbini, uza ngqo uzungeze futhi wembula into, futhi wathi nje Angathinta owesifazane, wadabula okukhulu ukukhala, futhi yena, kwenjabulo, waphulukiswa. UNkulunkulu wathinta umzimba wakhe futhi wamphulukisa.

Ngabe ukhona, Dadewethu Rasmussen na? Ukuphi na? Ngabe usesakhiweni lapha, ndawo ndawo na? Ehlezi emuva *lapho*. Yebo, mnumzane.

58 Manje, uMoya oNgcwele ungena egumbini, futhi wembula into, wayivula. Yayingekho indlela yoku. . . Angizange ngimkhulekele, ngangingadingi ukuba ngimkhulekele. Lapho wazi iqiniso, iqiniso likwenza ukhululeke. O, ngiyakuthanda lokho. Aninjalo na? Iqiniso likwenza ukhululeke.

59 Lapho wazi ukuthi uJesu wafela izono zakho, futhi usuMemukele njengoMsindisi wakho, unoMoya oNgcwele, futhi ngemivimbo yaKhe uphulukisiwe, uma ulazi leloqiniso, leloqiniso lodwa, likwenza ukhululeke. Amen. Asikho isidingo somkhuleko, akuzange. . . akusikho ukukhuleka, kungukukholwa nje, ukukholwa iqiniso.

60 Ngezinye izikhathi sifanele sikhuleke ukuletha leloqiniso ezinhliziyweni zethu, kodwa uNkulunkulu usinika onke amathuluzi, cishe impela, elikhona loMbuso kaNkulunkulu ukusebenza ngawo, ukuletha ukukholwa kubantu, iziphiwo, izibonakaliso, izimanga, yonke into ukukwenza. Kodwa lapho Ekwenza, khona-ke kungumsebenzi osuqediwe; uNkulunkulu wakwenza. Lapho E—lapho Ekwenza kuwe, futhi uyakukholwa, kwemukele, khona-ke ukuphulukiswa kwakho kungukuthi, yilokho kuphela okukhona kukho. Ufanele ukholwe yiZwi likaNkulunkulu.

61 Manje ngehla ngomunye umgwaqana, umzuzu nje. Kodwa maduze nje, ngibe nomhlangano edolobheni elithize, futhi bekukhona inenekazi elifika emsamo linenkathazo yesisu. UMoya oNgcwele walitshela, wathi. . . O, kwenzeka nje izikhathi ezingamakhulu ngokuhamba kwezinyanga ezimbalwa. Walitshela, lalinenkathazo yesisu enzima, walitshela ukuthi lalingubani, ukuthi livelaphi. Konke lokho kwakuyiqiniso. Futhi wathi, "Uphethwe yilenkathazo yesisu isikhathi eside."

62 Walitshela ukuthi kwakuhlobo luni lwesimo sezilonda ezisemathunjini, nalokho odokotela ababekushilo, uhlobo lodokotela ababelinakekela, konke lokho kwakuyiqiniso, khona-ke laqala ukusuka emsamo, manje, ufanele ukubhekisise lokho, niyabo, kwase kuthi-ke ngenkathi liqala, ngabona omunye umbono. Niyakhumbula, lesosikhathi ngu ISHO KANJE INKOSI. Ngalitshela, "Hamba udle, ngokuba ISHO KANJE INKOSI, usuphulukisiwe."

63 Kwehle njalo ngomugqa, kwaqhubeka kwedlula. Laya ekhaya ngalobobusuku, futhi kwakungomunye womakhelwane balo owahamba futhi wayenesigaxa esikhulu eceleni kwentamo yakhe, njengethumba elinamafutha khona ngaphansi kwesilevu *lapha*, noma umhlathi, nethambo likakhololo *lapha*, ithumba elikhulu elithi aliphume libe yi-intshi noma ngaphezulu. NoMoya oNgcwele washo into efanayo kuye, "ISHO KANJE INKOSI, uphulukisiwe."

Awu, ngalobobusuku liya ekhaya, babesemotweni efanayo, ngakho bakuxoxa, awu, bathi, "Mhlawumbe, kuzoba njalo, si—sizoba kahle."

64 Awu, inenekazi laya ekhaya, futhi ngalitshela, uMoya oNgcwele walitshela, njalo, ukuba liqhubeke ukuthi laliphulukisiwe, ngakho laya ekhaya, lacabanga ukuthi mhlawumbe lalingadla. He, ngabe kwalenza lagula! Futhi ngakho-ke ngosuku olulandelayo, laqhubeka amaviki amabili noma amathathu edlula futhi lalingakabi ngcono.

65 Futhi ngakho umyeni walo walitshela, wathi, "Manje, s'thandwa, anginandaba nawe unikeza ubufakazi, kodwa," wathi, "khumbula nje," wathi, "awungcono." Futhi wathi, "Ufanele. . . Uletha ihlazo phezu kwembangela, lokho—lokho okwakho usho lokho." Wathi, "U—usho ukuthi uphulukisiwe ube ungenjalo."

66 Lathi, "Buka, S'thandwa," lathi, "leyondoda ayikaze ingazi. Yangazi kanjani lapho siphila amamayela ayikhulu namashumi amahlanu lapho eyayingakaze ibe khona na?" Futhi lathi, "Ingitshele iqiniso impela, izwi ngezwi, futhi uyakwazi lokho." Laselithi, "Khona-ke—khona-ke, ngenkathi ngiqala ukusuka emsamo, yangitshela, 'ISHO KANJE INKOSI, uphulukisiwe.'" Lathi, "Uma ngichitha eminye iminyaka engamashumi amahlanu ngifakaza ngakho ngaphandle kwanoma yimuphi umphumela, ngisazolokhu ngithi ngiphulukisiwe." Ngakho lokho—lokho kunjalo, lowo ngumqondo. Lalinakho.

67 Futhi ngakho, ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, lali, ngokunye ukusa lalimile ligeza izitsha, abantwana babeye esikoleni, no—nomyeni walo wayeye emsebenzini, futhi laligeza izitsha e—efasiteleni, futhi lathi nje umuzwa opholile wedlula phezu kwalo. Futhi *ngandlela thize enye*, laqhubeka, alikazange likuqaphele, mhlawumbe nje njengokuqhaqhazela okuncane

noma okuthize, niyazi, futhi lathi laqhubeka nje futhi lageza izitsha.

68 Lathi imizuzwana embalwa lalamba ngempela, lalamba kakhulu laze langakwazi ukukumela. Futhi i-othi yayiligulisa njalo, niyazi ukuthi i-othi yenzani esilondeni esisemathunjini. Ngakho, laba nezipuni ezimbili ezigcwele i-othi kwelinye lamapuleti abantwana, futhi lakugwinya, futhi lacabanga ukuthi lalizoqhubeka. Lathi, "Ngiyazi ngizoyihlanza, mhlawumbe, emzuzwini," ngokuba lalihlala njalo lenza, ngoba kubuyela ngqo phezulu. Futhi ngakho, lashona phansi futhi ladla lokhu, futhi laqala, akuzange kulihluphe, akuzange kushise. Awu, labuyela emuva futhi laqeda ipuleti. Ngakho, into yokuqala niyazi, lalimi ngalapho imizuzu embalwa, akwenzekanga lutho.

69 Niyabo, ukukholwa kwalo kwase kuphelile ngaleyonkathi, lalingasadingekile ukuba likholwe ngaleyonkathi, kwase kuvele kwenziwe. Niyabo? Kholwa nje *kukho*, kuze kwenzeke, khona-ke uyakwazi. Ngakho manje-ke, yiwo wonke umsebenzi usuqediwe. Yileyondlela umbono ongayo, lapho uthi into ethize izokwenzeka khona-ke kholwa nje kuze kwenzeke lokho, khona-ke sekuphelile. Niyabo? Uyakholwa ukuthi kuzokwenzeka, lapho sekuvele kwenzekile, sekuphelile.

70 Ngakho manje-ke, emva kwesikhashana libonile, lalinda cishe uhhafu wehora, futhi akwenzekanga lutho, lase lilambile futhi, lazithosela amaqanda athi awabe mabili, lazitholela ithosti, lazenzela inkomishi yekhofi, futhi lalinejubili lokudla okumnandi, lalinesikhathi esimnandi nje. Futhi lalinda cishe, kwaze kwaba cishe kweleshumi nqo futhi lona, o, kwakukahle nje futhi kukuhle kakhulu, liqala ukulamba futhi. Ngakho, lalijabule kakhulu, lathi, "Ngizogijima ngehle," futhi litshele umakhelwane walo.

71 Futhi yena, ngenkathi lifika cishe impela endlini, lezwa umuntu othize ememeza phansi lapho ngephimbo labo lonke. Futhi lagijimela emnyango, futhi ladluthula lavula umnyango, kwakuyilona wesifazane ephethe ishidi esandleni sakhe, ethintitha ishidi, ehla enyuka kwiphansi. Lathi, "Yini indaba na?"

72 Owesifazane owayenesigaxa entanyeni yakhe, wathi, "Uyazi ukuthini?" Wathi, "Namhlanje ekuseni ngivukile nesigaxa asisekho! Ngifunisise wonke umbhede, ngithintithe amashidi nandawo zonke, angisitholi, nomaphi." Niyabo?

73 Futhi bafika cishe amamayela angamakhulu amahlanu ukufakaza lokho. Kwakuyini na? INgelosi yeNkosi yedlula komakhelwane ngalokho kusa. Niyabo? Ngezinye izikhathi uNkulunkulu akakwazi ukuphendula nje ngomzuzwana. Bangaki owaziyo ukuthi uDanyeli wakhuleka, futhi kwakuyizinsuku ezingamashumi amabili nanye ngaphambi na?

Niyakukhumbula lokho na? Impela. Kodwa lapho uNkulunkulu esho noma yini, uNkulunkulu uhlala neZwi laKhe, hlala naLo, nawe. Kodwa uma ushiya iZwi, ushiya uNkulunkulu, ushiya esakho—ushiya isibusiso sakho, nakho konke lapho, hlala futhi ulalele iZwi likaNkulunkulu. Okushiwo nguNkulunkulu, uNkulunkulu uyakwenza.

74 Futhi yileyondlela u-Abrahama ayefanele ayenze, ngakhoke uNkulunkulu wakuqinisa naye. Futhi sedlulile izolo ebusuku uhlelo oluhle lokuqinisekisa, nokuthi kanjani emazweni aseMpumalanga, nokuthi uNkulunkulu wamdwengula kanjani uKristu, futhi wathatha uMzimba waKhe wawuyisa ohlangothini lwaKhe lesokudla, ngakwesokudla, njalo, futhi wathumela phansi uMoya oNgcwele phezu kweBandla u—ukugcoba amanye amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi lowoMoya ofanayo owawukuKristu useBandleni manje. Niyakukholwa lokho na?

75 Bukani, kukhona engifuna ukukusho, kodwa ngi—ngi—ngiyesaba ukuthi ngeke kuqondwe kahle. Ake sithathe unxantathu, sisho *kanje*, manje sizoqala kwiphansi, leyo kwakuyinguquko yokuqala, uMartin Luther. O, kwakuyi—kwakuyinto esabekayo ngisho nokusho ukuthi wawungumKristu ngaleyonkathi, ngoba wawuhlushwa, futhi kuhlekiswe ngawe, nakho konke. Khumbulani, olungileyo uhlala ehlushwa, ubelokhu enjalo, futhi uzohlala njalo.

76 Manje lokho, besinenqwaba yendawo, ukulungisiswa nje ngokukholwa, lokho kwaqhubeka isikhashana, saze saba noCalvin, noKnox, kanjalonjalo. Kwase kuthi emva kwesikhashana kungena uJohn Wesley nomlayezo omusha wokungcweliswa, iBandla liba sengcosaneni ngesibalo. Khona-ke abakaWesley bahlela, futhi bathola zonke izinhlobo ezehlukene zezinhlangano, bese kufika iBaptisti, nabakaCampbell, kanjalonjalo, emva kwalokho, kuze kuthi ekugcineni, into yokuqala niyazi, iqala ukudlondlobala.

77 Futhi manje bhekisisani, kuyasondela ngaso sonke isikhathi, njengesivivane nje, niyabo, kusondela ngaso sonke isikhathi, iBandla liba yidlanzana ngesibalo. Kwase kuthike emva kokuba okaWesley esefile ekungcwelisweni, nakho kufika iPentecostal nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokubuyiselwa kweziphiwo. Manje, manje seliba yidlanzana ngesibalo, niyabo, futhi, lehla. Manje, kuzo . . .

78 Manje, uMoya kaNkulunkulu wawukumaLuthela, uMoya kaNkulunkulu wawukuWesley, noMoya kaNkulunkulu wawukwiPentecostal. Kodwa kuyini na? Ibandla lePentecostal liyibandla lamaLuthela elithuthukile, yilokho kuphela, yibandla lamaLuthela elithuthukile. Manje, lapho sekwehlela *lapha*, iBandla lizofanele libe sesimweni esi*njalo*.

79 Uma uke waba seGibhithe, uyokwazi ukuthi isivivane esikhulu eGibhithe bonke abakhuluma kakhulu ngaso, abaningi abazisho ukuthi yinto yesiprofetho eyakhiwa ngaphambi kokubhujiswa komhlaba ngamanzi, lokho bengingeke ngakusho, angazi lutho ngalokho, kodwa uma bekunjalo, khona-ke itshe eliyinhloko alizange libekwe kulesosivivane. Bathola, bathi balithola emazweni ehlukene, kanjalonjalo, kodwa akukaze kukhuphukele emdwebeni okufanelana na—namatshe ayephezulu lapho. Kwakuyofanele kwenze, isivalo lapho besiyofanele sibe yitshe eliphelele. Uma sinanoma yisiphi isifanekiso sesiprofetho, khona-ke itshe eliyinhloko lenqatshwa njengeTshe legumbi elikhulu leBhayibheli lenqatshwa.

80 Kodwa manje, uma sisondela kakhudlwana ngokusondela kakhudlwana, noMoya kaNkulunkulu uvele ekulungisisweni, ekungcwelisweni, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, leloBandla lizofanele lisondele kakhulu, noMoya kaNkulunkulu usebenza ngokuphelele kakhulu kuleloBandla, ukuthi lapho itshe eliyiNhloko lifika, liyosimboza ndawonye, nokuvuka kuyofika, futhi iBandla lizohamba.

81 Manje, leyo—leyo yinzwabethi nje. Niyabo? Kodwa ngi—ngizama ukunikhombisa iphuzu ukuthi iBandla lizofanele lifike endaweni ukuba libe noMoya kaKristu kuLo, uMoya kaKristu usebenza emizimbeni yethu, njengoba nje Wasebenza eMzimbeni weNkosi yethu. “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; eminingi kunale niyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi.”

82 Manje, leso kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu ukuthi Unikeza isiqinisekiso kubaba wethu, u-Abrahama, futhi thina sifile kuKristu sithatha iNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso. Manje-ke uma siyiNzalo ka-Abrahama, uMoya oNgcwele uhlala kithi, wenza imisebenzi kaKristu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

83 Manje bhekisisani, njengoba siqala ukusondela, ake sithathe u-Abrahama siqhubeke kancane, sizogijimela kukho. Ukwazi nje. . .Besisesahlukweni 15 izolo ebusuku, noma, ese 16, manje kulobubusuku asigxumele ngale esahlukweni 17, ivesi 1 ngenkathi uNkulunkulu ebonakala ku-Abrahama ngaleyonkathi emva kokuba eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ubudala, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, esahlukweni 17 sikaGenesisi.

84 Manje, ngenkathi Ebonakala kuye lapho, Wabonakala kuye eGameni likaNkulunkulu uSomandla. Igama lesiHeberu lapho livela egameni lika El Shaddai. *El* “onamandla,” Shaddai, *shad* kusho “ibele lowesifazane,” kodwa u*Shaddai*, u*Shaddai*, kusho ubuningi, “onamabele.” UnguNkulunkulu onamabele.

85 Lokho bekungethusi ngempela yini endodeni endala eneminyaka eyikhulu ubudala, isifana nofile, umgudu wokuphila kwayo wawungasekho, Isizalo sikaSara sesineminyaka sifile, u—useneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, uneminyaka eyikhulu ubudala, futhi uNkulunkulu ubonakala kuye njengoEl Shaddai na? "NginguNkulunkulu onamabele." O, he! Bhekisisani, hhayi kuphela uNkulunkulu-bele, kodwa uNkulunkulu onamabele.

86 O, nina eningakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, ngithemba ukuthi lokhu kugaya kujule ngempela. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina." Ufuna insindiso yomphefumulo na? *Leli*bele. Uma ufuna insindiso yomzimba, *leli*bele. Ungu-El Shaddai, USomandla, Onamandla.

87 Akusikho kuphela ukuthi owesifazane...Ibele lakhe ngelokuncelisa ingane yakhe; ibele likaNkulunkulu elokuncelisa abantwana baKhe. Futhi thatha encane, ingane egulayo lapho igula ngempela futhi itetema, umama angathatha ingane encane, ayidonsele esifubeni sakhe, futhi incela amandla ayo okuqina kunina. Amen. O, uyakubona, mfowethu na? Niyabo, uma sigula, yenyukela nje ku-El Shaddai. Amen. Bamba, ncela amandla akho okuqina nempilo kuYe. Ungu-El Shaddai. Kukholwe lokho, dade, lowo omuhle, owesifazane osemncane ohlakeni.

88 Kulungile. Yiba nokukholwa kukho, kukholwe, bambelela nje ku-El Shaddai, uNkulunkulu onamabele. Akusikho kuphela ukuthi ingane idonsa amandla ayo—ayo okuqina kunina, kodwa futhi iyeka ukutetema, yenelisekile. UnguMenelisi. Lapho ingane iqala ukudonsa a—amandla okuqina kamama angene emzimbeni wayo uqobo, yenelisekile isadonsa. Amen. Nakho lapho esikhona!

89 Manje, uma sibambe uNkulunkulu ngokukholwa, futhi sakholwa ukuthi UnguMuphi wamandla okuqina: "Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe, ngiyakwemukela njengefa lami. Zonke izithembiso zingezami. Isivumelwano siqiniswe ngokunginika uMoya oNgcwele futhi wangigcwalisa ngokulunga kwaKhe nesihawu, engisindisa esonweni, ephendula ikhanda lami ezintweni zezwe, futhi ebeka uthando lwami eKalvari. Manje, ngiyazi ukuthi lokho kunjalo. Ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni. Kukhona okwenzeka kimi okwaguqula bonke ubumina." Iminyaka engamashumi amathathu nanye ebimnandi futhi ithandeka kimi, ingcono kulobubusuku, kunoma ike yabanjalo. Ngiyazi ukuthi kukhona okwenzeka kimi.

90 Kulungile. Lowo Ofanayo onginika injabulo, namandla okuqina, nensindiso uthe, "Uma ugula woza nje ngale kwelinye ibele bese udonsa amandla akho okuqina kiMi." O, he! Wenelisekile, kuyenelisa. Lapho ngizwa iZwi likaNkulunkulu

lithi ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe, lokho kuyanganelisa. Amen. Kunjalo. Ungabe usatetema, ungagijimi nje usuka *lapha* uye *lapho*, ungakwenzi *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, nje—nje ulale lapho futhi uncele amandla akho okuqina nempilo kubuye futhi ku-El Shaddai, Onamandla.

91 Ngibe nezikhathi eziningi abantu beza, kade ngisezikhungweni zezinhlanya ukubukela, futhi kudabukisa kakhulu ukuthi banjani, futhi izikhathi eziningi, lapho i, uSathane ebamba labobantu, ukuthi, ngokuphindwe kane noma kahlanu amandla abo, indoda ehlanyayo inamandla aphindwe kaningi. Bukani u—o—uhlanya lwaseGadara, ngani, bamfaka amaketango, wayewagqashula, akukho-muntu owayengamthambisa, odeveli babenolegiyoni kuye. Manje, uma ulegiyona wodeveli endodeni engayinika amandla ayo okuqina aphindwe kane noma kahlanu, uyokwenzani uMoya oNgcwele lapho Ebamba umuntu na?

92 Akunandaba noma ngabe uyagula, noma ngabe uhluphekile, wena uthi, "Awu, angikwazi nje ukunyakaza," makuthi uMoya oNgcwele ubambe kanye, futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani. Yebo, mnumzane. O, nje ku, kuphindaphinda kabili futhi kuphindaphinde kathathu amandla akho okuqina, ngoba awuhambi emandleni akho okuqina, uhamba emandleni okuvuka kukaJesu Kristu. UNkulunkulu waMvusa kwabafileyo, futhi wakhulula izinhlungu zokufa, futhi waMnika thina njengenhlawulo ngesono sethu, futhi si—siyazi ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni, futhi sinakho lokho esikucelayo.

93 Mhlawumbe, sekuyisikhathi esisodwa nje sokuncela, awutholi amandla okuqina enele, hlala lapho nje, donsa kuYe uze uhambe, uze uphele umdlavuza. Yenqaba ukubona umdlavuza, yenqaba ukubona noma yini ephambene neZwi laKhe, akunjalo. Yonke into, njengoJona, "Ziyize zamanga. Ngeke ngisho ngababona, ngeke ngabaqonda. Qhabo, mnumzane, ngiyabona ukuthi uNkulunkulu wathini." Ningawaboni ama-Amori, ningawaboni amathuna, ningaziboni lezizinto, bonani isithembiso sikaNkulunkulu. UNkulunkulu wakwethembisa, kukuNkulunkulu ukuba akunakekele. Yebo, mnumzane.

94 Manje, ngiyazi ukuthi ukufa kuzofanele kushaye wonke umuntu, ukufa kufika kithi sonke, kodwa ngezinye izikhathi, ngenxa nje yokungakholwa siyadikibala futhi siye ethuneni ngaphambi kwesikhathi. UNkulunkulu akafuni senze lokho, Ufuna siMthembe, futhi siMkholwe, futhi—futhi sithi kunjalo, futhi sihlale nakho, ngoba uNkulunkulu . . .

95 ULazaru wafa, yiqiniso lelo, wabuye wavuka, futhi waphila impilo ejwayelekile iminyaka eminingi, eminingi, ngenxa yokuvuka uJesu amnika khona. Kwase kuthi-ke, kusobala, wafa futhi, ngoba uyovela ekuvukeni. UJesu wathi uyovela

ekuvukeni, kodwa uzofanele aye ekuphumuleni kwakhe, njengazo zonke izidalwa ezingabantu. Kodwa kuze kufike lesosikhathi, masingakhohliswa ekuphileni ngenxa yokukhonza uNkulunkulu, ngoba kungumsebenzi kaSathane ukukukhohlisa uphume kukho. Yebo, mnumzane. Kodwa uNkulunkulu unguEl Shaddai, amen, Onamandla, uNkulunkulu onamabele, uMhlengikazi, u—uMnikezeli wamandla okuqina kubantwana baKhe abagulayo, lapho abantwana baKhe begula.

Wena uthi, "Awu, ngineminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala."

96 Wayenjalo no-Abrahama, wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ubudala, kodwa wayeseyingane encane nje, uNkulunkulu wathi, "Yeyama ebeleni laMi uncele, Abrahama." Amen. Yayiyini iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye kuNkulunkulu na?

97 Niyazi ukuthi iminyaka akho engamashumi ayisikhombisa isho ukuthini kuNkulunkulu na? Ngokwesikhathi, Akanasikhathi, UsePhakadeni, kodwa iminyaka eyinkulungwane, ngiyacabanga, kubalelwa cishe emizuzwini emithathu noma emine yesikhathi sikaNkulunkulu, wena u. . . ubanjwe nawe, yonke impilo yakho, cishe iminyaka eyikhulu.

98 Ngakho, u-Abrahama wayengelutho ngaphandle nje kwengane encane, noNkulunkulu wathi, "Khuphukela lapha, Abrahama, usumdala, usuneminyaka eyikhulu ubudala," ubuhwanqa babulenga le phansi *kanje*, izinwele ezimpunga, futhi ku. . . "Uyi—yindoda endala esabekayo ezweni, kodwa kiMi uyingane nje. Uyingane nje, Abrahama, khwela lapha ethangeni laMi, hlala phansi lapha bese—bese uhamba futhi uncele amandla akho okuqina futhi." O he!

99 Nayo yonke into Ayinika u-Abrahama, ngesithembiso, Wayinika u-Abrahama ne (*Ne* yisihlanganiso.), neNzalo yakhe emva kwakhe. Amen. Anijabuli yini ukuthi niyiNzalo ka-Abrahama na? O, ngijabula kakhulu! O, ngizwa kuthi angicule leloculo:

> Sonke isithembiso eNcwadini singesami,
> Sonke isahluko, onke amavesi, wonke umugqa.
> Ngithembele othandweni lwaKhe lobuNkulunkulu,
> Ngokuba sonke isithembiso eNcwadini singesami.

100 Singesakho. "Othandayo, makeze futhi aphuze emithonjeni yaManzi okuPhila ngesihle." Kungokwalowo othandayo angeza.

101 Ngakho, uNkulunkulu wenzela u-Abrahama lokhu, no-Abrahama eneminyaka eyikhulu ubudala, noSara eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala. Ugogo omncane

manje, okufana netshali elincane ehlombe lakhe, futhi efake ikepisi elincane lothuli, endukwini encane, wayezungeza *kanje*.

102 Awu, cishe ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, wayehlezi phandle elangeni elishisayo ngokunye ukusa, futhi o, kufanele ukuthi kwakuyisikhathi esesabekayo. Sesi—sesingasesahlukweni se 18 manje, futhi ngakho, ese 19. Wayehlezi phandle elangeni elishisayo, umelusi wezinkomo uyakhuphuka, wayesethi, "O, he," babeqhubeka, "amanzi onke awasekho," futhi yonke into yayibukeka sengathi yayihamba kabi. Qaphela lapho lokho kwenzeka, kumKristu, lapho lokho kwenzeka kunesibusiso esibekwe ngaleya nje kwalapho, noSathane uzama ngamandla akhe onke ukukuqhelisa kuwe. Ngikubonile lokho empilweni yami.

103 Lapho ngiyokhuleka, ngiyophumela emahlathini, onamathela (Aninabo lapha, ninabo na? Kodwa sinenqwaba yabo emuva empumalanga.), futhi bayakuklwebha; futhi ufike *ngapha*, nelanga likhanya phansi ezihlahleni kuwe; fika *ngapha*, kusemmangweni, wena ukhuleka *kanje*; futhi *ngapha* kunamadwala amaningi kakhulu, nomiyane bayakuluma, futhi o, yonke into.

104 Manje, lapho ufika kulolohlobo lwendawo, phakamisa izingalo zakho nje, bese uthi, "Haleluya! Nkulunkulu, Uyangibiza, futhi ngiyaKuphendula." Kukhona okuzokwenzeka, kunjalo, ngoba kunesibusiso esibekwe lapho, noSathane uzama ukulwa, ungomdala ononyawo oluhlukene ononya, empeleni, niyazi, futhi u—uzama ngawo onke amandla akhe ukukuqhelisa kulesosibusiso. Hlala lapho nje uze ukhuleke uqede, angikhathali, makuthi omiyane balume, noma ngabe kwenzekani, hlala nakho nje, ngoba uSathane uyokuphanga kulokho uma kungenzeka akwenze.

105 Ngakho nangu u-Abrahama wayekhona, ngiyambona emva kokuba uNkulunkulu ebonakale kuye njengoEl Shaddai, ebuyela emuva, wayesethi, "Sara, uyazi ukuthini? Ngiyingane encane nje."

Wathi, "Qiniso, Abrahama, uyiyo na?"

"Yebo, futhi Wangitshela ukuba nje ngencike esifubeni saKhe futhi ngincele amandla ami okuqina abuye." Kunjalo, wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye ubudala.

106 Awu, wayehlezi phandle lapho ngokunye ukusa, futhi into yokuqala niyazi, babheka futhi babona amadoda amathathu enyuka. No-Abrahama, ehlezi phansi kwalom-oki, e, emnyango wethende lakhe, wabuka ngaphandle. . .Futhi niyazi, kukhona okuthize nje ngomKristu ongakusho, kukhona *okuthize* nje, uyamazi umKristu. Useke wemukela uMoya oNgcwele, khuluma naye umzuzwana, uzokwazi ukuthi *okuthize* kwenzekile

kuye, usedlulele ezweni laseKhanani. Ngakho, uyamqaphela, uphawuliwe.

107 Futhi lapho babehlezi phandle lapho, nalamadoda amathathu eza, uthuli kuzo zonke izingubo zawo, futhi athi, "Siyizihambi, sivela kwelinye iZwe." Yebo, kude le: Udumo.

108 Futhi wathi. . .Futhi u-Abrahama walungiselela izinto, futhi watshela uSara ukuba enze isinkwa, njengoba besinakho ngobunye ubusuku, futhi wakukhipha, futhi wakubeka phambi kwabo, futhi bayadla. Amabili awo ehlela eSodoma, ngoba iSodoma lase lilungele nje uku—ukushiswa.

109 Futhi manje, Eyodwa yakhuluma ku-Abrahama. Nalawa ehla futhi ashumayela kuLoti, kuMelusi Loti ezansi eSodoma. Futhi wazama ngamandla akhe onke ukukhipha abantu, kodwa abalalelanga, babeyisimodeni nje njengoba lababantu benjalo namhlanje kulesisizwe. Babenezindlela zabo uqobo, nezinkolo zabo uqobo, nezinhlelo zabo uqobo ezinqunyiwe zamiswa, nesono sasinqwabelana macala onke, futhi ba—babenendlela okungeyabo, ngangokuthi wawungeke ukhulume nabo.

110 Wake wababona abantu owawungakwazi ukukhuluma nabo na? Akukho muntu, ubunga. . .Ungeke wakhuluma lutho kubo, ngoba ngeke bakukholwe, bazolalela nje umzuzwana, sebehambile, yilokho kuphela. Ba. . .Ujeke omncane uzogcwala ngaphambi komkhulu, niyazi, futhi ngakho-ke basuka bahamba, futhi abayikukulalela nhlobo.

111 Manje, khona-ke kwakukhona Leyo eyasala futhi yakhuluma no-Abrahama, futhi Lena yathi kuye, "Abrahama, uphi uSara, umkakho na?"

112 Manje, njengoba sibe nalokhu ngobunye ubusuku, ngizokufishanisa nje umzuzwana. Manje, Yayazi kanjani ukuthi wayeshadelwe, wayenonkosikazi, nokuthi igama lakhe kwakunguSara na?

Futhi u-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

Wathi, "*Ngi*zokuvakashela, Abrahama. Ngizogcwalisa isithembiso saMi."

113 Manje, kwakunguBani lowoMuntu na? Ngifuna niqaphele, Yayingubani leyoNdoda eyayihlezi lapho idla na? Awu, Yayiyidla amaqatha enyama yenkonyane, amaqebelengwane ommbila, ibhotela nesinkwa, iphuza ubisi oluvela enkomazini, iNdoda ihlezi lapho inothuli ezingutsheni zaYo, neBhayibheli lasho ukuthi YayinguNkulunkulu. U-Abrahama waYibiza ngo-Elohim. Buka usonhlamvukazi omkhulu, *Nkosi*, Nkosi, u-Elohim, kulandelele bese uthola. Kusobala, abelusi lapha bathi, "Amen," kukho ukuthi Kwakuyikho. Kwakungu-Elohim.

114 Wayesethi-ke uJesu, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." U-Elohim, Onamandla, uyokwehla esenyameni yomuntu. O!

Niyakuthola na? U-Elohim, Onamandla, uyokwehla esenyameni yomuntu, futhi wayezozibonakalisa Yena uqobo ngokwazi imfihlo yenhliziyo yalowo Ayekhuluma naye, khona impela nje iNdodana yaKhe eyakwenza ngenkathi Ilapha emhlabeni. Niyabo? Ehlala enyameni yomuntu. Nyama-ni na? Inyama yakho, inyama yami. UMoya oNgcwele, qobo lwaKhe, ehla esenyameni yomuntu futhi ehlala, ekhombisa izibonakaliso, wathi, "Uphi uSara, umkakho na?"

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho?"

Futhi Wathi, "Ngizokuvakashela."

115 NoSara wathi, "*Hawu*! Isalukazi esinjengami sibe nenjabulo nenkosi yami," iBhayibheli lathi bobabili base bekhulile ngeminyaka impela, sebekhulile impela, "cabanga ngiphinde ngibe nenjabulo nenkosi yami," ngoba waye, ngani, wayeseneminyaka engamashumi amane-nanhlanu esedlule ukuya esikhathini, "ngicabange ukuthi ngingaba nenjabulo nenkosi yami futhi, njengoba sengimdala, nenkosi yami isindala na?" Wathi, "Lokho nje bekungeke kwenzeke."

NeNgelosi, uNkulunkulu enyameni yomuntu, edla inyama, edla isinkwa, ephuza ubisi, ehlezi lapho, wathi, "Uhlekeleni uSara na?"

116 O, uJesu wathi leyonto efanayo iyobonakala ngaphambi nje kokuba uMlilo uqale ukwehlela iSodoma neGomora lesimodeni. Niyabona ukuthi sisondele kangakanani, bangane na? Bukani isibonakaliso eBandleni.

117 Ake ngime lapha umzuzwana. Muva nje, ngangiseNdiya, lapho iNkosi yasinika khona umhlangano omkhulu kunayo yonke esake saba nayo; ngangingahlala izinsuku ezimbili kuphela. Akukho ndawo yokubeka abantu, abalinganiselwa ezinkulungwaneni ezingamakhulu amahlanu emhlanganweni, lokho ngabantu abayingxenye yesigidi, akukho ndawo yokubabeka. Ngaphandle kwemingcele yedolobha wawungeke uthole ukuvikeleka, futhi babeba nezibhelu, futhi ngakho bebengesivumele ukuba sibe nomhlangano ngaphandle. Sifanele si, kulo-Okthoba, olokugcina kulo-Okthoba ukuba sibe seNew Deli, uma ngingakhululwa ukuba ngihambe, lapho esinenkundla yemidlalo yeshashalazi ezohlalisa abantu abayisigidi, ngakho uma nginomhlangano eNdiya.

118 Futhi lapho ngifika lapho, ngacosha iphepha, futhi lathi, "Ukuzamazama komhlaba kufanele ukuthi sekuphelile." Nginalo, okusikiwe kusekhaya, ngicela uxolo, iChristian Businessmen bakusebenzisa ukukugijimasa ekugayeni kwabo—kwabo. Ngakho ngi . . . Kwathi lapho, "Ukuzamazama komhlaba kufanele ukuthi sekuphelile." Kwathi, "Ezinsukwini ezintathu ezedlule, ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kufike . . . "

119 ENdiya, abanalo uthango, ucingo olulukiwe njengoba sinalo lapha eWashington nangapha. Bacosha amadwala ensimini . . . Kunabantu abangamakhulu amane namashumi ayisikhombisa, noma, abantu abayizigidi ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa eNdiya, futhi kwakubukeka kimi sengathi cishe izigidi ezingamakhulu amane zazo zaziyizinxibi. Ngakhoke, ba—banenqwaba yezokumbiwa, kodwa akukho-mandla engqondo ukuzithuthukisa. Ngakho, bacosha amadwala futhi benze izindlu zabo, bacoshe amadwala futhi benze uthango lwabo.

120 Nezinyoni ezincane zingena kulawamadwala futhi zakha izidleke zazo, awu, bese kuthi-ke kusihlwa, lapho okungekhothunzi khona, izinkomo ziyoma zizungeze lezi ezinkulu, izintango ezinde zenzele umthunzi lapho ilanga lishisa kakhulu. Kodwa izinsuku ezimbili, izinyoni ezincane zazishiye ngokuphelele zonke lezizingoxe ezincane phakathi lapho eziyizidleke zazo, futhi zaphuma zaya emasimini emahlathini; zonke izinkomo, zakusihlwa, zazivame ukuma zizungeze uthango, nazo zonke izimvu, nakho konke, zaphumela ngqo phakathi nensimu zase zencikana, zimi ngqo elangeni elishisayo.

121 Abantu babengazi ukuthi kwakuyini indaba, bathi, "Bukani izinyoni, ngamaqulu, zishiya izindonga, zihamba. Ngeke zilale lapho ebusuku, azibuyi, ziyahamba futhi azibuyi. Izimvu ngeke zize ngisho zizungeze uthango, zima phandle lapho zibhekene, nezinkomo." Kwase kufika ukuzamazama komhlaba futhi kwazamazamisa lezozindonga zawa. Kwase-ke kubuya izinyoni, kwakuyisibonakaliso sokuthi ukuzamazama komhlaba kwase kuphelile.

122 Mfowethu, uNkulunkulu ofanayo owayengaholela izimvu, nezinyoni emkhunjini ngezinsuku zembubhiso yangaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi, yilowoNkulunkulu ofanayo, namuhla, Obenga (futhi uma uNkulunkulu engakhuluma nenyoni ukuba ibalekele ingozi), "Sukani kulezizindonga ezinkulu zaseBabiloni zokungakholwa, kuza isikhathi sokuzamazama." UMoya oNgcwele ukhombisa izibonakaliso nezimangaliso zembubhiso eseduze.

123 Bukani, bekungenzeka noma ngasiphi isikhathi, akusekho neyodwa into esele, ukufika kweNkosi sekuseduze. Siyabona ezindlini zezindiza zaseRashiya nawo wonke umhlaba owehlukene, amabhomu nezinto eziyobhubhisa umhlaba ophelele ngokushaya umunwe kanye. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Izwe alikwazanga ukukumela. Futhi ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, iBandla liya eNkazimulweni. Khumbulani, ngaphambi kokuba imvula ike yana, uNowa wayesemkhunjini, ukuphepha; ngaphambi kokuba noma yimuphi uMlilo uze wehle, iNgelosi yasho lokhu kuLoti: "Suka, phuma lapha, ngoba aNgikwazi ukwenza lutho, uze uhambe lapha, usuke lapha."

124 Ibandla liphuma ngaphambi kokuba kufike imbubhiso, nezwe lesayense liyasho sekusele imizuzu emithathu kube phakathi nobusuku. Iwashi elikhulu liye lashaya ngaso sonke isikhathi, iPhakade lilungiselela ukungena. Izwe liyazi, izwe lesayense liyazi, ukuthi, kwathi kuyobasabisela ukufa abantu, nizwile okwabo . . . uma bebengakufaka emsakazweni, kanjalonjalo. Siyazi ukuthi isikhathi sesiseduze. Futhi uma bekungenzeka ngaphambi kokusa, nokuhamba kweBandla kuhamba ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, kusondele kangakanani ukufika kukaKristu na? Amen. Haleluya!

125 Mfowethu, ngiyakutshela, awukwazi ukumba ujule ngokwenele ukuba ucashe kwelinye lalawomabhomu, ayoqhumisa imbobo emhlabathini amamayela ayikhulu namashumi amahlanu, amafidi angamakhulu amabili ukujula. Uzokwehlela kanjani phansi lapho na? Uma wakha isibiyelo sensimbi noma wakha amafidi angamakhulu amahlanu ukujula, ukungqubuzana bekungaphula onke amathambo emzimbeni wakho. Kungene endaweni enjalo, akukho ndawo yokucasha phansi lapha, ubungakhala emadwaleni, kodwa ngiyakutshela, kukhona umpheme webhomu ohlala isikhathi eside, wenziwe ngezimpaphe: ngaphansi kwamaphiko aKhe. Amen. Lowo ngumpheme, amathunzi angunaphakade othando lwaKhe nenkazimulo. Leyo yindawo yokuphephela, indawo yokubalekela.

126 Ngahlala ezintabeni esikhathini esithize esedlule, ngibhekisisa umama khozi omdala ekhipha abancinyane bakhe esidlekeni. Wabahlalisa phansi emhlabathini, babekade bephumile ekugqabhazeni okudala . . . Ngiyaxolisa ngalesosisho. Isidleke esidala siyanuka, uma uke uzungeze isidleke sokhozi. Futhi—futhi khona-ke lababeka phandle lapho. Futhi ngangihlezi phezulu, ngelusa izinkomo, futhi ngangi . . .

127 Kungenkathi ngangikulemikhankaso, kodwa ngenyukela lapho ukuyokwenyusa izinkomo entwasahlobo, futhi ngangibuka ngezibonisakude. Futhi uma ngake ngawubona umhlangano wePentecostal, kwakuyilezozinkozi ezincane. Zazingakaze zibe nezinyawo zazo kulobotshani ngaphambili, niyazi, lutho ngaphandle kwesidala esihlabayo, isidleke esinukayo, njengezwe. Nomama welula amaphiko akhe amakhulu, wayeseziqukula, wayesezehlisela phansi, wayesezihlalisa phansi endaweni yamaPentecostal. Zazigxumelana nje, nalowomuzwa omuhle ezinyaweni zazo, niyazi. Uyazi ukuthi uzizwa kanjani lapho unoMoya oNgcwele, njengoba nje uhamba ezimpapheni, noma iziphethu, ndawondawo, uzizwa ukahle nje.

128 Zazinejubhili lazo elikhulukazi, lePhentekoste. Futhi lowomama omdala, wathi nje angabashiya, wandiza, wathatha amaphiko akhe amakhulu, wayesendizela phezulu kwelikhulu,

idwala eliphakeme, wasonga lawomaphiko amakhulu, wayesehlala phezulu lapho wayesebuka phandle.

Ngacabanga, "O, he!"

129 Yilokho Akwenzayo, ngenkathi Engikhipha esidlekeni esidala sezwe, Wakhwela izingange zeNkazimulo, "Neso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi Uyangibhekisisa," Uyakubhekisisa.

130 Makuthi inkentshane ikoyote ikhuphuke uma ifuna, ibiyolicosha iye phezulu kakhulu emoyeni, bese iliqathaza, beliyobuthuka. Yebo, mnumzane. Akukho okuzolimaza izingane zalo, liyakubhekisisa.

131 UNkulunkulu uyaliqaphela iZwi laKhe, Uyabaqaphela abantu baKhe. Ufuna ukuthola umuntu ozoMkholwa, bese ebeka ithemba kuYe ehlezi ezinkazimulweni zaphezulu, ebhekisisa.

132 Into yokuqala niyazi, ngezwa ukubhonga, nokuluhlaza satshani okuvela ngapha ngaseWashington, lokho kwakuseColorado, ngibone umudwa oluhlaza satshani uza, ngangazi ukuthi i—isiphepho sasiza, ukuduma kwezulu nombani. Lowomama omdala ehlezi lapho, futhi wahogela lesosiphepho isikhashanyana, futhi waphosa lawomaphiko amakhulu, futhi wadazuluka kakhulu, futhi washo wehlela esigodini. Ngenkathi ehlela lapho, wakhipha amaphiko akhe amakhulu, wavele wamemeza kakhulu, futhi zonke zalezozinkozi ezincane zagijima futhi zagxumela ngqo kulelophiko likamama, futhi zathatha izinyawo zazo ezincane, futhi zabambelela ezimpapheni, zabeka umlomo wazo omncane, futhi zabambelela kulo, futhi lawomaphiko amakhulukazi aqala ukunyakaza. O, o, o, o! Udumo! Uzongibiza ngomgingqiki ongcwele, noma kanjani, ngakho-ke nani seningahle nivele niqale. Yebo, mnumzane.

133 Ngenkathi ethatha lawomaphiko amakhulu, uqala ukuphakama, ebhekene ngqo nalowomoya. Futhi zazikwazi ukubhoboza umoya ohamba ngamamayela angamashumi ayisithupha ngehora, nalezozinkozi ezincane zibambelele kulelophiko, waqonda ngqo emgodini edwaleni.

134 Ngathi, "O Nkulunkulu!" Ngaphonsa lezozibonisa kude phansi, ngase ngisina ngale esiqongweni salelogquma. Ngathi, "Ngelinye ilanga amandla kaNkulunkulu ayokwelula amaphiko aKhe amakhulu emhlabeni wonke, nezinkozi zaKhe ziyobamba ukubamba eDwaleni lemiNyaka, "Ngivulekele, mangicashe kuWe, lapho amanzi ayingcingo egeleza." Yebo, mnumzane. Bambelela kuleloDwala lemiNyaka.

135 Ngangisenhla eGary, e-Indiana, nginomhlangano, lokho kungenkathi lentombazanyana, umdansi kaFred Astaire ebizwa emhlanganweni, no—noRosella Griffith, ohlulwa wuphuzo, nazo zonke lezozinto ezinkulu zenzeka maduze nje. Bangehlisela ezigayweni zensimbi lapho uku—ukungikhombisa

nxazonke, ukuthi kwakuyini, ukuthi kwakuyini ababeyenza. Futhi omunye wabafo, indoda engumKristu, babenesigejane semishini yokuphendula izinsimbi lapho babenalento isitolo semishini, besusa yonke lento ababeyenza, futhi ngakho emva kwesikhashana, kwabakhona impempe encane eshaywayo, futhi ngenkathi benza, umuntu ngamunye wakhumula iphinifa lakhe, wathatha umshanelo wakhe futhi washanela zonke i—izinsalela zensimbi zaphumela maphakathi nephansi lendlu, wathi, "Manje bhekisisa, Mnu. Branham, ngizokukhombisa okuthize."

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

136 Enye impempe encane yakhala, wonke umuntu wasuka wahamba. Futhi ezansi egumbini, ephaseji kwakulele inqwaba enkulu yezinsalela zensimbi, wawelela lapho wayesecindezela umnyango *kanjalo*, noma, inkinobho *kanjalo* emnyango, wayicindezela, futhi nakhu kufika uzibuthe omkhulukazi uza wedlula, ubhonga, "*Ubhonga*!" ubanga umsindo uza, wehla wedlula kwenye indawo, wehla wedlula kwenye indawo, wehla, futhi wedlula phansi ngqo kuzo zonke lezo zinsalela zensimbi, futhi zonke lezozinsalela zensimbi zagxuma zayaphezulu ngqo, ngoba zabutheka kulowozibuthe. Wabuyela emuva ngqo waphumela ngale kwendlwana esesiqongweni enkulu, wadonsa into encane, kwasusa uzibuthe lokho, futhi konke kwaqathakela endlwaneni esesiqongweni enkulu ukuba kubunjwe futhi kwenziwe kabusha.

Ngathi, "Ngabe yileyondlela owenza ngayo na?"

Wathi, "Ya."

Ngathi, "Haleluya!"

Wathi, "Yini indaba ngawe na?"

Ngathi, "Lalela, ngiqaphelile zonke lezo zinsalela zensimbi azihambanga. Kungani zingahambanga zonke na?"

Wathi, "Ngoba ziyi-aluminiyamu, ngakho azibutheki kuzibuthe."

"O." Ngathi, "Udumo!" Ngathi, "Kungani lolocezu lwensimbi lungahambanga, *lapho* na?"

Wathi, "Uyabo, kufakwe ibhawodi phansi."

Ngathi, "O Nkulunkulu!"

Wathi, "Yini indaba ngawe na?"

137 Ngathi, "Ngicabanga ngomunye uZibuthe omkhulu. Haleluya! INdodana kaNkulunkulu ilenga ngaleya eNkazimulweni. Ngoluny'usuku, kuyobakhona umsindo onjengokuvunguza komoya, futhi nangu Uyofika, futhi bonke labo abanozibuthe eMoyeni waKhe bayokwenyuka ukuyoMhlangabeza emoyeni. Labo ababoshelwe esonweni ngamaketango, labo abangamalunga ebandla le-aluminiyamu

abasoze baphumelela. Futhi siyobunjwa sibe ngumfanekiso wamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.”

138 O, he, kuyoba wusuku olunjani lolo! Gcina umphefumulo wami unozibuthe, Nkosi, ngoMoya waKho ngaphezu kwezinto zonke. Ake ngihambe nokhiye ngenkathi ngikhuphuka ngaleli iladi. Yebo, mnumzane. Ngokuba ngolunye usuku Uyofika, iBhayibheli lithi Uzofika, futhi ngifuna umphefumulo wami uvumelane naYe. Ngifuna lenkontileka, njengoba ngidabulile izolo ebusuku, ngifuna ukugcwaliswa nga*le*ngxenye yenkontileka ngilindele *lokho* ukuba kufike, amen, o, ngesivumelwano njengoba Aqinisekisa no-Abrahama.

139 Manje, Wathi lezozinto ziyokwenzeka. Ngifuna ni... Ngifuna ukunika abanye bethu abantu abadala isibindi khona manje. Ngifuna uku...Ningahle nehluke kancane kulokhu, uma kwenza, yenza lokhu njengoba nje, manje, ngiyakwenza lapho ngidla uphaya wamasheri, lowo nguphaya wami engiwuthandayo, futhi lapho ngidla uphaya wamasheri, uma ngihlangana nembewu angiyidli imbewu, ngivele ngilahle imbewu bese ngiqhubeka, ngidle uphaya. Ngakho, lapho ngidla inkukhu, bonke abashumayeli bayayithanda inkukhu, uma ngiqondana nethambo, angisho ukuthi, “Leyonkukhu ayilungile,” bese ngiyiphushela emuva, ngidla nje yonke inyama ethanjeni, futhi ngishiye ithambo. Ngakho yileyondlela owenza ngayo ngalokho o...lokho engizokusho manje. Uma ungeke, vele udle noma yikuphi ukudla okukulo, okusele kubonakala njengethambo, noma—noma imbewu, kushiye kanjalo nje, niyabo, kushiye kulele lapho.

140 Awubheki ngani ukuthi uNkulunkulu wenzani ku-Abrahama noSara na? Wakhombisa, ngo-Abrahama noSara, i, labobantwana ababili, Azokwenza kubo bonke abantwana babo. Qaphelani, niyazi ukuthi Wenzani kuSara no-Abrahama na? Wababuyisela emuva ekubeni yinsizwa nentombi, impela wakwenza. Manje khumbulani...

Wena uthi, “Ungakufakazisa lokho ngeBhayibheli na?”

141 Yebo, mnumzane. Manje, ekufundeni iBhayibheli, niyabo, iBhayibheli liyiNdaba yothando, uNkulunkulu ebhalela abantwana baKhe. Uyakukholwa lokho na? Manje, ngiyamthanda umkami, ngempela sino—u—uthando lwangempela, yena nami. Ngakho lapho ngiya phesheya kwezilwandle...Yingalesosizathu ngikholelwa emseni kaNkulunkulu. Nga—ngahamba...Siya phesheya kwezilwandle, a—angenyuki bese ngithi, “Nkk. Branham, ngikutshele okuthize: Awuyikuba namanye amadoda.”

Ubeyothi, “Yebo, futhi, nsizwa yami, awusayikuba namakhosika, futhi.” Niyabo?

142 Manje, lokho bekungeke yini kube yikhaya na? Qhabo. Siyaguqa futhi sikhuleke omunye nomunye. Ngithi, "UNkulunkulu akubusise, S'thandwa."

"Ngizobe ngikukhulekela, Billy."

143 "Ngizo—ngizophinde ngikubone, S'thandwa." Ngisho ngiya phesheya kwezilwandle. Niyabo? Yilokho kuphela okukhona kukho. Angisoze ngaphila ngokungethembeki kuye, akasoze ngami, inqobo nje uma sithandana. Niyabo? Lapho uthanda uNkulunkulu, awuzukuMlimaza, yilokho kuphela, uzokwenza konke ongakwenza. Ngakho leyo yinto enkulu yokuphila wuthando lukaNkulunkulu, "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi kepha ngingenalo uthando, angilutho," niyabo. Manje, kunjalo. Kukhumbuleni lokho. Uthando . . .

144 Kamuva evikini, ngifuna ukunitholela izehlakalo ezithile. Okunqobe izinto, kube wuthando. Okunqoba ukugula, uthando. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka." UNkulunkulu uluthando, nalabo abanothando bangabakaNkulunkulu.

145 Manje, lokho yi . . . Manje khumbulani, lolo akusilo uthando ifiliyo, lolo wuthando i-Agapao, mhlawumbe niyazi. U—uthando lokumesaba uNkulunkulu, hhayi lolu lapha "uthando olukhululekile," bakubiza kanjalo emabandleni nezinto ezinjalo, kodwa lolu wuthando i-Agapao, uNkulunkulu wathumela uthando, lwangempela, uthando lwangokoqobo.

146 Manje, bese-ke ngiya phesheya kwezilwandle, ngeke ngakusho lokho kumkami. Awu, siyathandana nje, qhubeka.

147 Manje qaphelani, ekufundeni i—iBhayibheli, LiyiNcwadi yothando eya eBandleni. Manje, lapho ngifika phesheya kwezilwandle, uMeda ungibhalela incwadi, futhi uthi, "Billy othandekayo, ngihlezi lapha kulobubusuku, nje nginengane ukuba ilale," kanjalonjalo, usho okuthize lapha, kodwa niyabo, ngi—ngingasho ukuthi ukhuluma ngani, ngoba ngimthanda kakhulu, ngazi konke ngaye, futhi ngiyakwazi ukuyifunda ivaliwe, ngiyazi ukuthi uthini, niyabo, ngiyifunda ivaliwe.

148 Manje, uNkulunkulu ulobe iBhayibheli, iNcwadi yothando eya eBandleni laKhe. Uze ufunde i, ngothando, awusoze wakwazi ngolubandayo, uhlelo lwemfundo, uke uthole uNkulunkulu. Ufanele ube nothando lukaNkulunkulu enhliziyweni yakho, khona-ke uyifunda ivaliwe, yilapho into yangempela elele khona.

149 Ngizokuthokozela okushiwo nguMeda, kodwa wuthando engiluthola ngokuyifunda ivaliwe olubalulekile kimi. Kungaleyondlela ngeBhayibheli, ngiyifunda ivaliwe lokho Akushoyo.

150 Manje, ake siyifunde ivaliwe umzuzu nje: uSara no-Abrahama bobabili base bebadala, manje, ngakho lokhu kuzokukhipha emicabangweni yakho, noma

kubulale lokho kwasekuqaleni nje, iBhayibheli lasho, sona impela isahluko esifanayo, ukuthi bobabili base begugile. Wayeneminyaka eyikhulu ubudala, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye, futhi owesifazane wayenamashumi ayisishiyagalolunye, iminyaka eyikhulu neminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye.

151 Manje, siyazi ukuthi umuntu esegugile impela, eneminyaka eyikhulu ubudala, eqhothile emahlombe akhe, ne—nezinwele ezimpunga zilenga, intshebe empunga, uSara, ugogo omncane esendukwini yakhe yokudondolozela, ikepisi elincane lothuli, niyazi, ehambahamba, no—noNkulunkulu wamtshela ukuthi yena, useyingane nje namanje.

152 Ngakho, ngifuna niqaphele ukuthi Wenzeni kubo, manje, Wababuyisela emuva ekubeni yinsizwa nentombi. Nakhu Akwenzile, manje, uma nizoqaphela, masinya emva kokuba leyoNgelosi ibonakale kubo, niyabo, manje lokho, khona impela emva kokuba leyoNgelosi ibonakele, ukuguqulwa kwabo—kwabo, babuyela ebunsizweni nasentombini emva kwalokho. Manje, ngenkathi leNgelosi kaMoya oNgcwele. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . USara no-Abrahama baba yinsizwa nentombi.

153 Sengiyambona nje uSara esukuma ngokunye ukusa, ethi, "Abrahama, s'thandwa! Ngani, lesosifumbu siyaphuma emahlombe akho!"

154 "Ngani, Sara, lawomehlo amahle, njengeNgelosi, liyabuya; lokho kufiphala okumnyama okwakusemehlweni akho, konke kuyafiphala. Nalezozinwele sezibuya zibamnyama futhi."

155 Wababuyisela emuva cishe eminyakeni engamashumi amabili ubudala ngamunye. Ngizonikhombisa ukuthi Wakwenza noma qha, manje bhekisisani nje, niyabo. Manje, bathatha u—uhambo lwamamayela angamakhulu amathathu, lokho kuyizindlela ezinde impela ngekhehla elineminyaka eyikhulu ubudala nowesifazane. Akunjalo na? Uhambo lwamamayela angamakhulu amathathu ezansi eGerari ezweni lamaFilisti. Kulinganise emephini ukuthi kukude kangakanani, futhi ubone, kuyizindlela ezikude ezansi lapho.

156 Kwase kuthi-ke into yakho yayingukuthi, kwakukhona inkosi esencane ezansi lapho, egama lingu-Abimeleki, ezingela isithandwa futhi yathandana noSara, ugogo. Nawo onke amantombazane amahle amaFilisti, ayekhona ezansi lapho, lawomantombazane abeZizwe, kodwa nakhu kufika uSara, wathi, "Yilowo ebengimlindile!" Ugogo.

157 Futhi u-Abrahama wathi, "Sara, umuhle ukuba ubukeke, ngakho ngiyakuncenga, yithi ungudadewethu nje." Niyabo?

158 O, he! Aniboni ukuthi Wenzeni na? Awu bukani, ngisho nasemva kwalokho, u-Abrahama emva kwe, ngisho nokufa kukaSara eminyakeni engamashumi amane nanhlanu

kamuva, uNkulunkulu wamvumela ukuba aganwe ngomunye wesifazane, futhi waba namadodana ayisikhombisa, ngaphandle kwamadodakazi. Amen. Niyabona ekuyifundeni ivaliwe, ukuthi Wenzeni na?

159 Manje, lalelani enye into, ngaphambi kokuba uSara abe naleyongane, ngixoleleni, bodadewethu, lesisisho esiluhlaza, kodwa ngifanele ngikusho, manje, siyazi ukuthi uNkulunkulu kwadingeka enze okuthize, wayengazali, siyakwazi lokho, uSara wayeyinyumba, wayengenakuba nengane, ngoba wayehlale naye yonke leminyaka, futhi wayengenangane. Manje, uNkulunkulu wadingeka enze isizalo sakhe sivunde, into yokuqala. Manje, babengenawo lamabhodlela ezempilo nezokuhlanzeka ngalezozinsuku, ngakho Wadingeka amnike izindlala ezintsha zobisi, ngoba kulowonyaka leyomithambo yobisi yome nkwe. Awu, owesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala eyosikwa, wayeyoba nokuhlaselwa yinhliziyo, Wadingeka amenzele inhliziyo entsha. Ngakho niyabo, Akazange nje ampheshe, Wamenza nje osemusha, owesifazane omuhle, njengesithembiso Uzokwenza kuwo wonke umntwana ka-Abrahama. Amen.

160 U-Abimeleki wathandana naye, ugogo omdala, isigqoko esincanyana phezulu ekhanda lakhe, niyazi, wayesethi, "O, ubukeka kahle, s'thandwa. Ubukeka kahle." Ya.

161 Umbhedo, Wamenza owesifazane omuhle, osemusha, impela, Wakwenza, Azokwenza kithina bantu abadala ngolunye lwalezizinsuku. Asiguqule asibuyisele emuva! Haleluya! "Zonke izinsuku zesikhathi sami esigcwele," kwasho uJobe, "Ngiyolinda, kuze kufike isikhathi sami," amen, "lapho ukuguqulwa kwami kuyofika."

162 Yebo, mnumzane, siyoguqulwa ngesikhashana nangokuphazima kweso, futhi sihlwithwe ndawonye kanye nabo abavukile ukuhlangabeza iNkosi emoyeni, futhi sibe naYo kuze kube phakade. O, ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo! Amen. Amen. Ngizizwa nginokukholwa kakhulu, he, ukucabanga ngalokho. Akunandaba ukuthi kwenzekani lapha emhlabeni, lokho akuhlangene nakho, ngizondiza ngihambe ngokunye kwalokhu ukusa.

163 Yebo, mnumzane. Wabaguqula baba yi. . .Futhi ngifuna niqaphele enye into, ukuthi uNkulunkulu ubanakekela kanjani abantu baKhe. Niqaphelile na? Manje, u-Abimeleki wathi, "O, yilowo nje ebengimlindile yonke leminyaka!"

164 Ngakho, wahamba ukuyothatha uSara abe ngumkakhe, kodwa khumbulani, kulolozalo olumsulwa kwakufanele kufike uMesiya, futhi uNkulunkulu wayishaya ngenhlupho indlu yakhe. Futhi kwakukhona u-Abrahama ehlezi phandle lapho, uhlobo nje lwe. . .wayesesethembisweni. Wayene. . .

165 Manje, uma lona bekunguwe, ubuyothi, "Angifanelwe yikho."

166 Nicabanga ukuthi u-Abrahama wayekufanele na? Qhabo, mnumzane, emva kokuba indoda yehlele lapho futhi yasho lokho ngomkayo, yathi kwakungudadewabo, futhi ivumele omunye umuntu athathe umkakhe ukuba azisindise yena uqobo na? Impela, wayengakufanele, kodwa uNkulunkulu akakubheki, noma ngabe ufanelekile noma qha, ngukukholwa kwakho kulokho oMthembise khona ukuthi uyoba yikho, uma nje Ezokwenzela okuthile.

167 Lapho u-Abimeleki, ngiqagele umfowethu olungileyo, washo imikhuleko yakhe, wazigeza, futhi welula izinyawo zakhe ezinkulu ukuba abe nokulala okuhle, okumnandi, wasonga izandla zakhe, wayesethi, "Kusasa ngizoshada lona omuhle, owesifazane ongumHeberu." Wamthatha wamngenisa endlini, futhi—futhi wagqoka zonke izinhlobo zezingubo zikanokusho namacici, futhi wamlungisa konke, niyazi. Iminyaka eyikhulu nje kuphela ubudala, niyazi, wayethi akabe mdala ngakho konke, kodwa—kodwa wayesebuyele ekubeni yintombi.

168 Kwase kuthi-ke ngosuku olulandelayo ngenkathi ecabanga ukuthi wayezoshada, uNkulunkulu wabonakala kuye, iphupho, wayesethi, "Usufana nje nomuntu ofile." Yebo, mnumzane. "Usufana nomuntu ofile," wathi, "uthathe umfazi wenye indoda." Ngakho leso yisifundo esihle, mfowethu. "Uthathe umfazi wenye indoda."

169 Awu, wathi, "Ngani, Nkosi, Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami, Uyazi ukuthi ungitshelile ukuthi lowo bekungumfowabo, naye wangitshela, 'Lowo ngudadewethu.' Ngobuqotho benhliziyo yami . . ."

170 Wathi, "Yingalesosizathu Ngikuvimbelile ukuba ungoni kiMi. Kodwa umyeni wakhe ungumprofethi waMi, angizukuwuzwa umkhuleko wakho, kodwa buyisela umkakhe kuye, makakhulekele wena, futhi Ngizokuphulukisa." Amen.

171 O, ngiyakuthanda lokho! Umusa kaNkulunkulu kubantwana baKhe! Amandla okukholwa, amandla omkhuleko aguqula izinto. O, mfowethu, dadewethu, siphila emathunzini obulungiswa baKhe, amathunzi okufika kwaKhe. LowoNkulunkulu ofanayo owaphila osukwini luka-Abrahama unguNkulunkulu ofanayo nje, namuhla, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Sonke isihogo asisoze saphula esinye sezithembiso zaKhe, uNkulunkulu uhlala nesithembiso saKhe. Akukho lutho olungake luMguqule. O, ukuba kuphela besingaMkholwa, kuphela siqonde ukuthi . . .

172 Bantu, ngiyanitshela, nina bantu bePentecostal nibona okuningi kakhulu, futhi ube nakho empilweni yakho selokhu usube ngabantwana bakaNkulunkulu, ubone okuningi kakhulu kobuhle, nomusa, nenkazimulo kaNkulunkulu sekuze kwajwayeleka kakhulu kini, kujwayeleke kakhulu. A—a—awu . . . Lokho kukwenza ulahlekelwe ukukholwa.

173 O, ucabanga nje ukuthi kunabantu abaningi, mhlawumbe. . . Welela e-Afrika, ezansi e-Eshiya, ezansi e-Australia, abanye balabobantu abangakaze bakubone, futhi makuthi abanye balabo bomdabu base-Afrika, babona lokho kwenzeka, inkazimulo kaNkulunkulu iwa kanjalo, he, bayakukholwa, bathathe lesosithixo esidala bese besihlephulela emhlabathini, bese besingatha uJesu Kristu, ngoba abakaze bakubone ngaphambili.

174 Ngesinye isikhathi, kwakukhona indoda, yayifundile, yayingakaze ilubone ulwandle, futhi yayifundile ngolwandle, futhi yayihamba, yayineholide, yayehlela olwandle. Futhi ngakho, yahlangana nosawoti omdala, itilosi, niyazi, livela olwandle, futhi lathi lapho lihamba, lathi, "Uyaphi, muntu wami olungileyo na?"

175 Yathi, "O, ngiya olwandle, angikaze ngilubone." Yathi, "O, ngilangazelela ukuzwa ukumemeza kwasendle kwezinyoni zasolwandle lapho zindiza emoyeni! Ngifuna ukubona amagagasi anosawoti avela koluhlaza okwesibhakabhaka ephakama futhi evala, ngifuna ukuhogela lawomanzi afreshi anosawoti." Yathi, "Ngifundile ngalo, ngicabangile ngalo, kodwa," yathi, "Ngiyahamba manje ukuyolubona!"

Itilosi elidala lahosha inqawe yalo emlonyeni walo, futhi lathi, "Angiboni lutho oluhle kangako ngalo," lathi, "Ngazalelwa kulo eminyakeni engamashumi ayisithupha edlule."

176 Niyabo, Wayebone okuningi kakhulu kwalo, kwaze kwaba ngokwejwayelekile. Ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngathi bantu bePentecostal, ubona inkazimulo kaNkulunkulu kakhulu kakhulu, kuze kuba ngokwejwayelekile. Ungakuvumeli neze kube ngokwejwayelekile. Sifanele njalo sikuhloniphe ngokuzithoba, futhi sikuhloniphe, futhi sikukholwe ngazo zonke izinhliziyo zethu, ngazo zonke izinhliziyo zethu.

177 UNkulunkulu muhle. Ufuna si—sithole okwedlula konke esinakho. Singabantwana baKhe, thina, Ufuna sibe nokungcono kunakho konke okukhona, singukhilimu wesivuno saKhe, futhi Ufuna si—sibe nokungcono kunakho konke okukhona. Uyakukholwa lokho na?

178 Ezansi eLouisiana sasinomfowethu omdala oyikhaladi ezansi lapho, umfowethu oyiPentecostal, futhi wayengokahle, umshumayeli omdala; ngacabanga kakhulu ngaye. Futhi wathi ukuba nomkhuba wami wokuzilibazisa wokuthanda ukuzingela. Futhi ngakho, yena ngelinye ilanga babenomfo omdala lapho, igama lakhe kwakunguGabriel, kodwa i—babembiza ngoGabe, ngamafuphi nje.

179 Futhi uGabe omdala wayengumfo omdala okahle, kodwa yena—yena, asikwazanga ukumthola ukuba abe semgqeni nebandla. Umelusi wayemenzela yonke into ayengayenza,

kodwa wayengeke nje abe semgqeni nebandla. Wayenokahle, unkosikazi ongcwelisiwe, owesifazane olungileyo, futhi owesifazane wayekhuleka njalonjalo. Nomelusi wazama ukumthola ukuba eze esontweni, kodwa nje akakwenzanga. Wayethanda ukugembula kancane, kanjalonjalo, futhi aphuze kancane, wayengeke nje ahambisane nebandla.

180 Ngolunye usuku, yena nomelusi bahamba bayozingela, futhi ngenkathi, emgwaqeni eza ekhaya. . . Manje, uGabe wayengomunye wabageja kunabo bonke okhona eLouisiana, wayengakwazi ukushaya ingaphakathi lenqolobane neminyango ivaliwe. Ngakho, baphuma bezingela ngalolosuku, futhi lokho kuhlwa bengena babesanda kugcwalisa izinyoni, nonogwaja, kanjalonjalo, yonke inyamazane, kwakungoMgqibelo ntambama. Babehamba behambisana beqhuga endleleni endala, indlela ejwayelekile, eceleni kommango, noGabe omdala wayelokhu ebuka phezu kwehlombe lakhe, ebona ukushona kwelanga. Wahamba, waqhubekela phambili kancane, futhi ngqo kwehla esihlathini sakhe esikhulu, esimnyama izinyembezi ziqala ukugeleza. Umelusi wayehamba ngaphambili nonogwaja beboshelwe phezu kwezinti, futhi belenga phezu kwesibhamu sakhe ingebe, futhi ehambisana kanjalo. Emva kwesikhashana, esikhulukazi, isandla esimnyama safinyelela ehlombe lakhe, waqalaza.

Wathi, "Melusi?"

Waphenduka, wayesethi, "Yebo, Gabe."

Wathi, "Uyalibona lelolanga lishona, ngaleya na?"

"Ya."

181 Wathi, "Lokho kuhlezi emashiyeni ethu omabili." Mm! Wathi, "Lihlezi emashiyeni ethu sobabili." Wathi, "Uyazi ukuthi ngizokwenzenjani na?" Wathi, "Ngehlela ebhentshini labalilayo ekuseni." Ezansi eningizimu, angazi noma niyazi ukuthi yini ibhentshi labalilayo lapha, yi-altare. Wathi, "Khona-ke ngizosukuma lapho, ngibuyela kumkami oyigugu, futhi ngithathe isihlalo sami. Futhi emva kokuba mina, ningibhaphathiza, *mina u*zoba yilunga lalelibandla, futhi ngizohlala kulelobandla ngize ngikhululwe ukufa."

182 Umelusi waqathaza isibhamu sakhe, wagaxa uGabe omdala, wayesethi, "Gabe, uyazi ngiyajabula ukuzwa lokho." Wathi, "Kukhona engifuna ukukubuza khona, Gabe." Wathi, "Iyiphi intshumayelo engayishumayela ebangele ukuba ushintshe umqondo wakho na? Noma yiliphi ihubo esalicula ebandleni elabangela ukuba uguqule umqondo wakho na?"

183 Wathi, "Melusi," wathi, "Ngiyayithakasela yonke intshumayelo owake wayishumayela, ngangihlala njalo ngizijabulela, ngoba ukhuluma iqiniso." Wathi, "Ngiyalijabulela lonke iculo engilizwa ikhwaya ilicula," wathi, "ngoba ngiyazi ukuthi likhuluma ngeZulu nangoNkulunkulu." Kodwa wathi,

"Kwakungesikho lokho, Melusi," wathi, "uyazi, Melusi, angikwazanga ukushaya lutho, ngingumdubuli onganembi," wayesethi, "bheka nje inyama uNkulunkulu—uNkulunkulu angiphe yona." Wathi, "Impela, Ufanele angithande, kungenjalo Ubengeke abe muhle kangako kimi." Wathi, "Ngoba Uyangithanda, ngiyaMthanda, futhi kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngiyinceku yaKhe."

184 Mfowethu, yilokho-ke. Uma nje besingaqalaza futhi sibone ukuthi uNkulunkulu muhle kanjani kithi, sibale izibusiso zethu, khona-ke siyovuma ukuthatha indawo yethu esihlalweni saKhe sobukhosi.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

185 Ngabe ukhona omunye lapha ongathanda ukuthi, "Mfowethu Branham, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu ubemuhle kimi, futhi angibanga muhle kuYe. Ngi—ngingathanda ukuphakamisa esandleni sami, ngithi ngi—ngifuna ukuMkhonza, Ngi—ngi—ngifuna Yena abe nguMsindisi wami. Ngizophakamisela isandla sami kuYe manje"?

186 Manje, ngi—ngikhulekela ukuthi ubuqotho benhliziyo yakho buzoba njalo, woza endawaneni manje, lolugcobo olukhazimulayo lukaMoya oNgcwele. Manje, nonke ningahle nibe ngamaKristu, lokho angikwazi, kodwa uMoya oNgcwele uyazi, Lowo ofanayo owembula imfihlo yenhliziyo uzokhuluma kuwe manje futhi akwazise ukuthi ngabe ungumKristu noma qha. Uma Ethi awusuye umKristu, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu yiba nomusa kimi? Manje ngifuna ukwemukela uJesu njengoMsindisi wami"?

187 Ungasiphakamisa isandla sakho, noma yikuphi esakhiweni na? Nomaphi na? UNkulunkulu akubusise, ngiyasibona lesosandla. Angabakhona omunye na? UNkulunkulu alibusise inenekazi lapha. Abanye phezulu kovulandi abasesitezi ngakwesokudla sami, ngapho, ungasiphakamisa nje isandla sakho na? "Manje ngifuna ukukholwa eNkosini uJesu Kristu. Ubemuhle kimi, bengingemuhle kuYe, bengifanele nginikele impilo yami kuYe."

188 Abanye benu bafo abasha enhla lapho na? Bekuyoshintsha isikhathi sakho sokuphila, lowonyaka womculo wokuzibinya obudedengu. Ungeze ukhonze iNkosi uJesu futhi ube nokuPhila okuPhakade na? Ake nginincenge, eGameni likaKristu nibuyisane noNkulunkulu. UNkulunkulu abusise lona omncane emuva lapha, ephakamise isandla sakhe.

189 Uvulandi osesitezi ngakwesokunxele sami, ubungakwenza na? UNkulunkulu akubusise, mfana omncane. O, omunye na? UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, dadewethu othandekayo. Ngabe ukhona omunye, ongathanda nje ukwemukela uKristu kulobubusuku njengoMsindisi wakho

na? Uthi, "Ngifuna ukukhunjulwa emkhulekweni, Mfowethu Branham, njengoKristu enguMsindisi wami."

190 Phansi esitezi esiphansi ngakwesokunxele sami, kulezizikhala zezihlalo ngapha, omunye laphaya phakamisa isandla sakho ongakakwenzi na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham."

Isikhala sezihlalo ngakwesokudla sami, ngale ngakuloluhlangothi na? UNkulunkulu abusise. UNkulunkulu abusise lona. Yebo. UNkulunkulu abusise lentombazane encane. UNkulunkulu abusise lelinenekazi lapha. Lokho kuhle.

191 Manje, amakhanda ethu ekhotheme, asikhuleke. Nina eniphakamise izandla zenu, khumbulani, lowo bekunguNkulunkulu ekhulume kini. "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi." Lokho kukhombisa ukuthi uBukhona bukaNkulunkulu bunawe.

192 Baba wethu waseZulwini, makuthi ukulunga kwaKho, nesihawu saKho, siphe khona, Nkosi, kuphumule phezu kwalezizethameli kulokhu ukusa, ikakhulukazi phezu kwalabo abaphakamise izandla zabo. Angiyiqedanga indikimba yami kulobubusuku, Baba, angifinyelelanga endabeni, kodwa ngizizwe ngokuxakile ngempela ukuba ngime khona ngalomzuzu, ngikhuluma ngokulunga kwaKho, ukuthi Wamguqula kanjani uSara no-Abrahama. Kungahle kube nabaningi phakathi lapha, Baba, ongayikuguqulwa ngalolosuku, uma lokho kunjalo Baba, kwangathi bangaphakamisa izandla zabo, hhayi izandla zabo kuphela kodwa izinhliziyo zabo futhi baKwemukele njengoMsindisi oqondene nabo njengamanje, ukuze baqhubeke bangene eNkazimulweni yezinkazimulo kuWe enhlanganyelweni ngeGazi, futhi babuyisane noNkulunkulu, ngokulunga kukaKristu. Siphe khona, Nkosi.

193 Yizwa umkhuleko wenceku yaKho njengoba sibanikela bonke kuWe, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Amen.

194 Manje, ngaphambi nje kokuba siqale, futhi ngicela uze e-altare, ngizwe okuxakile ngempela ngalokho manje nje. Angikholwa ukuthi banikezela ngamakhadi omkhuleko. Qhabo, angicabanganga kanjalo. Kusasa ebusuku. . . Ngikhohliwe ukutshela abafana ukuba bakhiphe amakhadi omkhuleko, sizowanikezela kusasa ebusuku kwabagulayo, ukukhulekela abagulayo, ngizoba nabo ukuba beze ngapha, bakhiphe amakhadi omkhuleko. Ngikhohliwe ukukwenza kulentambama, kade ngimatasatasa, bengisekudleni kwasekuseni kulokhu ukusa, futhi ngibe namagumbi egcwele usuku lonke, ukubona okufihlakeleyo, nezinto, kuvele kwangenza ngaba buthakathaka, futhi ngakhohlwa ukuza ukuletha. . .

195 Empeleni, ngabe ukhona lapha ogulayo nodingayo na? Phakamisa isandla sakho. Unokuthize enhliziyweni yakho,

phakamisa isandla sakho nje, uthi, kuNkulunkulu nje, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, manje ngifuna ukwemukela, ngifuna ukwamukela ukuphulukiswa kwami. Ngifuna ukukholwa eNkosini uJesu." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

196 (Uthini?) Kulungile. Uthe bekunamakhadi ambalwa akhishiwe, sizowacosha-ke kusasa ebusuku nawo wonke amanye.

197 Ngifuna lababantu abaphakamise izandla zabo, ngibafuna e-altare emzuzwini, kodwa ngifuna ukunikhombisa isizathu: isizathu sokuthi ngime ngokushesha, angizange ngiyiqede indikimba yami bekungenxa yokuthi uMoya oNgcwele uthe kimi, "Manje yisikhathi." Uhlala njalo eqinisile. Izandla eziyisishiyagalombili noma eziyishumi besiphakamile phakathi lapha kulobubusuku, niyabo, ukuthi bafuna ukwemukela uKristu.

198 Manje, ukunazisa, ngabantu abagulayo futhi Aziyo ukuthi bekukhona izoni lapha, Uyazi ukuthi kukhona abagulayo lapha. Manje, wena ongenawo amakhadi omkhuleko futhi ofuna ukukhunjulwa emkhulekweni, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyagula, ngidinga iNkosi." Yonke indawo esakhiweni, noma ngabe ukuphi. Manje asikhothamise amakhanda ethu futhi umzuzwana nje futhi sikhuleke.

199 Manje, Baba waseZulwini, Wena wazi izinto zonke. Kwesokunxele sami lapho kulele ukugula, Nkosi, esonini phezulu kovulandi abasesitezi, ngakwesokudla kukhona ukugula. Wena unguNkulunkulu, futhi sikhulunywa ngakho ngenkathi Wehla, Wavele nje wazibumbela Wena uqobo umzimba. Senziwe ngezakhi eziyishumi nesithupha, futhi wenzani Wena na? Lezo kwakuyiziNgelosi ezimbili ezazinaWe. Wavele wafinyelela ngale futhi wathola ikhalisiyamu egcwele isandla, ipotashi, nepetroliyamu, nokukhanya komhlaba nezulu, futhi nje waphephetha umoya kukho, futhi kuba ngumzimba, Wahlala kuwo, wagcwalisa isithembiso saKho, Nkosi, wabuyela emuva, umzimba waphenduka waba luthuli.

200 Ngijabula kakhulu ukuthi ngijwayelene noNkulunkulu Ongangibiza othulini lomhlaba, avele uphefumule umoya wokuphila futhi, ngolunye usuku, futhi ngizophila phakade emzimbeni, kodwa, Nkosi, makube kuwo wonke umuntu lapha. Futhi ngenkathi lemizimba egulayo isazabalaza, noMoya kaNkulunkulu kuyo, badinga uBaba ophulukisayo, ngikhulekela ukuthi Uzovumela lomlayezo uqiniswe kulobubusuku, ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi Wena uphulukisa abagulayo. Phesha lomzimba ukuze sikwazi ukuKukhazimulisa. Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

201 Manje ngenhlonipho yokuzithoba, namakhanda enu ekhotheme, ngifuna ukuqala futhi ngibone ukuthi uMoya oNgcwele uzongithatha ngqo nginqamule isakhiwo, kunqamule lapha uma ngingakwazi. Omunye osondele kimi, noma okuthize, khuleka, noma ngabe ukuphi. Ukukholwa kwakho kuzokweqa noma ubani omunye, uma nje unenqwaba yokukholwa. Khuleka nje.

202 Ngibheke ukuKhanya kukaNkulunkulu. Lokho kuKhanya, kimi, angazi ukuthi kusho ukuthini kuwe . . . Ngokwejwayelekile banesithombe esibekwe lapha engisiphakamisa phambi kwezethameli, akungabazeki ukuthi abafana ukwenzile emhlanganweni, baziphakamise, ukuKhanya, isithombe seNgelosi yeNkosi.

203 Khumbulani, kwakuyiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli bedabula ehlane. LeyoNsika yoMlilo efanayo yenziwa inyama. Niyakukholwa lokho na? Impela. UJesu wathi ngenkathi bethi, "Ungumuntu ongakabi neminyaka engamashumi amahlanu ubudala, uthe ubone u-Abrahama na?" Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA."

204 Kwakungubani uNGINGUYE na? UkuKhanya, uMlilo ovuthayo esihlahleni. Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu."

205 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uPawulu oNgcwele, igama lakhe kwakunguSawulu ngaleyonkathi, wayesendleleni yakhe eya eDamaseku, futhi ukuKhanya okukhulu kwamshaya kwamlahla phansi, leyoNsika yoMlilo efanayo. Futhi Wamemeza, "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Futhi Wathi, "NginguJesu."

206 Nangu Ukhona kulobubusuku nesithombe saKhe esithathiwe, okokuqala e, wonke umlando ezweni. Isayense ingeke yasho ukuthi asikho isiDalwa esingaphezu kwemvelo. Nasi Sikhona. Kuphi na? Ebandleni lePentecostal nabantu bePentecostal. Ngabe yilowo Ofanayo ngempela na? Bhekisisani ukuthi hlobo luni lwemisebenzi Ayenzayo, uma KunguMoya waKhe, Uyokwenza okufanayo njengoba Wayelokhu enza. Khulekani, thintani umphetho wengubo yaKhe, futhi nibone ukuthi Akasuye yini uNkulunkulu ofanayo. Khulekani nje, njengoba kwenza owesifazane owathinta ingubo yaKhe.

Wena uthi, "Ngingenyuka futhi ngikuthinte, Mfowethu Branham na?"

207 Akashongo ukuthi uma ungithintile, angisuye umPristi oMkhulu. Thinta Yena, khona-ke uMoya waKhe kimi uzosebenzisa izandla zami, umlomo wami, amehlo ami, ukukhuluma nawe, njengowesifazane owathinta ingubo yaKhe.

208 Amakhanda enu ekhotheme, ngifuna ukukhuluma nowesifazane omncane, uyazamula ngalesisikhathi nje, ehlezi phandle lapha ekhoneni, ehlushwa yinkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Ingabe unalo . . . ? Ungaphakamisa ikhanda lakho manje. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo na? Awulidingi, uyabo. Uhlushwa yinkathazo yenhliziyo, ube nakho isikhashana impela. Yisimo sokwethuka kwenhliziyo yakho. Ngeke kusakukhathaza manje, uthinte umphetho wengubo yaKhe. Uthinte umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.

209 Uyabo, soni esiphakamise isandla sakho, yiLowo ofanayo, ongitshelile, "Yima manje." Uzela wena, uma ungakholwa.

210 Nansi indoda, ihlezi ngqo ngale ngakwesokunxele sami, ihlezi le phansi phakathi lapho, ihlushwa yinkathazo entanyeni yayo, emhlane wayo, ikhuleka. Uma nje uzokholwa, mnumzane, ngayo yonke inhliziyo yakho! Mnu. Christiansen. Sukuma umzuzu nje, mnumzane. Angikwazi. Akunjalo lokho na? Angikaze ngikubone empilweni yami, noma ngikhulume nawe. Uma lokho kunjalo, xhawula isandla sakho *kanje*. Siyizihambi. Yilokho impela obekuqinisile. Liyilokho impela igama lakho. Lokho ngukuthi, konke Akushilo bekuyiqiniso na? Uyakholwa ukuthi uyakwemukela okucelile na? Hamba uye ekhaya futhi ube nalokho okucelile.

211 Uma leyo kungesiyo iNgelosi efanayo! Lapha ngizofulathela, iNgelosi yeNkosi ikulesosigodi khona manje. Bona uma KuyiNgelosi efanayo.

212 Kukhona owesifazane ohlezi emva kwendoda ngqo, ukhulekela umyeni wakhe, ngenxa yokuthi angeke aye esontweni. Uyakholwa, dade, ukuthi uzoya esontweni, uma uzo . . . Sukuma uma lokho kuyiqiniso.

Naso—naso isandla sakhe owesifazane. Niyabo?

213 Sukuma, dade, ukuze abantu bakwazi ukukubona. Ubungakhuleki yini, "Nkosi Nkulunkulu, siza . . . " mayelana nomyeni wakho, nezinto na? Ngabe leso bekuyisifiso senhliziyo yakho, ubungikhulekela ukuba ngikubize na? Phakamisa isandla sakho. Unqotshwe kakhulu ngalesisikhathi nje, umi lapho. Ngabe lezozinto beziyiqiniso, okushiwo na? Uma kunjalo . . . Yilokho-ke. Kulungile.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

214 Lapha, bona uma KuyiNgelosi efanayo eyahlangana no-Abrahama. Hhayi mina, *lesi* yisitsha nje Angasisebenzisa, uyisitsha Angasisebenzisa. Yiba nokukholwa futhi ukholwe.

Ake sibone, ngikholwa ukuthi Kwedlule ngakulolohlangothi, asiye ngakuloluhlangothi, sibone uma iNkosi uNkulunkulu ingasipha khona.

215 Manje, Nkosi, namehlo ami evaliwe, ngi—ngikhulekela ukuthi Wena . . . abantu bazoqonda ukuthi aku—akusiyo inceku yaKho, Nkosi, kungukuqinisekiswa kweZwi laKho. Izoni zizobizelwa e-altare ngomzuzu, futhi mazazi ukuthi yena impela uNkulunkulu owakhuluma ku-Abrahama, owahlala enyameni yomuntu, uhlobo oluthile lwenyama Aludala . . . Siyinyama Ayidalayo, futhi wethembisa ngokulunga kweNdodana yaKhe ukuthi siyongcweliswa futhi siphiwe iziphiwo, ukuthi uMoya waKhe uyohamba phakathi kithi njengoba wenza ngaphambi kokubhujiswa kweSodoma. Makube njalo, Baba, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu.

216 Kukhona indoda ehlezi ngqo emva kwami, iyindoda ephakathi nendima yempilo, futhi i—ikhuleka ngesimo enaso, ngumdlavuza, nomdlavuza use—enqulwini, ingxenye yeqolo. Indoda i*kakhulu* ngempela. Uyakholwa, mnumzane, ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Mnu. Honeycutt, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje, uzophulukiswa. UNkulunkulu akubusise, konke sekuphelile manje, ungaya ekhaya.

Uyakholwa eNkosini na? Lokho ngukulunga kwaKhe. UNkulunkulu uphendula umkhuleko.

217 Kukhona owesifazane ohlezi emva kwami ngakulendlela ndawondawo, uhlushwa yinkathazo yokwethuka. Ngiyambona, umi phambi . . . Yebo, uke wakhulekelwa ngaphambilini emgqeni wami, ndawondawo. Waphulukiswa, yena nendodana yakhe. Uhlushwa yinkathazo yokwethuka manje. Igama lakhe nguNkk. Booth. Kholwa eNkosini uJesu Kristu, yiba nokukholwa, futhi uphulukiswe, futhi uNkulunkulu uzokuphilisa.

218 Uyakukholwa na? Bengifuna lezozinwele ezimnyama nezibuko, futhi nokuhlukana eceleni. Bengibuka ngapha, futhi angikutholanga wena. Ngikubonile umi phambi kwami lapha, kodwa angikutholanga wena. Lezozinto ziyiqiniso na? Kulungile. Unokuphulukiswa kwakho manje. Into isihambile kuwe, ungaphila, futhi uye ekhaya futhi ujabulele impilo enhle.

Manje, lokho kuhambile, ngikholwa ukuthi kuhambe kwanqamula isakhiwo, akunjalo, ndawondawo, ngokuzungeza isakhiwo.

219 Manje, kuwena ophakamise isandla sakho, uzoza ume lapha umzuzwana nje na? Qiniso, uNkulunkulu ungimisile emlayezweni wami kulobubusuku, wathi, "Yenza lokho kubizela e-altare."

220 Uzoza manje na? Yima *lapha* umzuzwana nje, sisamile futhi sicula umzuzwana nje. Yehlela *lapha* ngqo. "Ucishe impela ukholiseke, manje ukukholwa." Yini enye uNkulunkulu abengayenza, kunokwenza lokho Akwenzayo manje na? Uzoza lapha na?

221 Abantu lapha esakhiweni, behlezi phandle lapho, bengakwazi nhlobo, kukhona amandla ndawondawo, futhi abaningi benu bantu mhlawumbe ubagxekile abantu bePentecostal (Woza, mfowethu.), abantu bePentecostal, begxeka ngokumemeza nokukhuluma ngezilimi, niyabona ukuthi lowoMoya ofanayo uzokwenzani na? Kuza nje ngokuba kukhulu ngokuba kukhulu, ngoba ukufika kweNkosi kuyasondela. Kunjalo. Ihora seliseduze.

222 Ningasukuma futhi nize lapha, futhi nime phansi lapha phambi kwami, ukuze nginikhulekele na? Uma Ezozwa imikhuleko yami ukuba aphulukise abagulayo nabahluphekile, angazise imfihlo yenhliziyo, uzoza manje futhi ume na?

223 Yileyondlela yokukwenza, phuma ngqo manje. Lokho kuhle. Yehla ngqo usuka kovulandi abasesitezi, sizoma khona lapha, futhi sikulinde, mngane; lokhu kubaluleke kakhulu. Khona ngqo phakathi komlayezo wami, ukuqala u*Jehova-Jira*, benginakho enhliziywéni yami ukwenza i—i, iphuzu, noMoya oNgcwele wathi, "Yima, yima, khona manje. Yima, khona manje. Batshele ngokulunga kwaMi, futhi ubize." Woza khona manje.

> "Cishe ngikholiseke," manje ukukholwa;

UNkulunkulu ekholisa.

> "Cishe ngikholiseke," uKristu ukwemukela;
> Kubonakala manje omunye umphefumulo uku. . .

Ini? Hamba? Manje lalela, uMoya oNgcwele.

> . . . "Hamba . . .

Ungawudabukisa lowoMoya usuke kuwe na? Qhabo. Woza. Woza ngqo.

> . . . indlela yaKho;
> Abanye . . . "

224 Ngifuna ukusho okuthize, owesifazane okhubazekile uyehla, owesifazane osemncane esesihlalweni esinamasondo efuqelwa phansi, owesifazane wokugcina wehla ngalowomugqa ngobunye ubusuku esesihlalweni esinamasondo, ngobusuku obulandelayo waphulukiswa futhi waya ekhaya ephilile. Kunjalo. Khumbulani, esihlalweni esinamasondo. O, kuwe okwaziyo ukuhamba, nalona wesifazane osemncane ehliswe ngamasondo: Ungeze na?

> "Cishe ngikholisekile," ukuvuna sekwedlule!
> "Cishe ngikholisekile," . . .

Yehlani kovulandi abasesitezi, nizokwenza, nina eningayazi iNkosi, niYazi njengoMsindisi wenu.

> . . . fika ekugcineni!

Ukuvuna sekucishe kwedlule manje.

> "Cishe" . . .

Wena uthi, "Sengicishe ngafike."

. . .akunakusiza; "Cishe" yiwo kodwa ungukwehluleka!
Kuyadabukisa, kuyadabukisa, lokho kulila okumunyu: "Cishe—kodwa ulahlekile!"
"Cishe. . ."

Kunjalo, dadewethu. Usondela kakhulu, yilapho uthola kakhulu kuYe.

. . .ukuvuna sekudlulile!

Lelonenekazi liza le lisuka phezulu kuvulandi osesitezi lize phansi. Lokho ngululahlwa icala ngempela. Kuyinto eyivelakancane eMelika ukubona ukulahlwa yicala kanjalo.

. . .fika ekugcineni!
"Cishe" akanakusiza; "Cishe" yiwo kodwa ungukwehluleka!
Kuyadabukisa, kuyadabukisa, lokho kulila okumunyu: "Cishe—kodwa ulahlekile!"

225 Cabangani nje ukuthi kuyoba seduze kangakanani ngalolosuku lapho ucabanga ukuthi ugeje iNdawo. Mhlawumbe ngaphambi kokusa, mhlawumbe wopha emgwaqeni omkhulu engozini, uvevezela, udlikiza, ugxuma, udokotela uthi, "Konke sekuhambile." Uzwe ukushaya kwemithambo yakho kukhuphuka ngomkhono wakho. "O, angihambanga ngani na?"

UMoya oNgcwele wathi, "Awulungile, uyazi ukuthi awulungile."

"Kodwa angikwenzanga, nganginamahloni, ngoba ngangizisho ukuthi ngingumKristu."

226 Mfowethu, kungcono ukukuletha khona lapha, ngoba umhlaba wonke uzokwazi ngelinye ilanga. Asikulungise, khona manje. Woza. Ungeze na? Kanye futhi, ngenkathi ngisacela izisebenzi eziqondene nomuntu ukuba zize nabo, futhi zime ngapha, nabazalwane abangabefundisi, uma bethanda, wozani ngapha kulababantu lapha sisabaholela esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu ngomkhuleko.

"Cishe ngakholiseka," manje ukukholwa;

Cishe wakholiseka ukukholwa lokho uNkulunkulu akushoyo eZwini laKhe, ekusho kuMoya waKhe, ehla futhi ekhombisa izibonakaliso ukuthi UnguMesiya.

. . .manje ukukholwa;
O, kubonakala manje omunye umphefumulo ukuba uthi, "Hamba, Moya. . .

Ungawudabukisa lowoMoya usuke kuwe na?

. . .indlela yaKho,
Ngolunye usuku olukahle kakhulu, Ngiyobiza Wena."

227 Kungahle kungabi khona olunye usuku olukahle kakhulu. Manje, sinegumbi ngapha, ngikholwa ukuthi lilungisiwe, emuva ngqo. Ngifuna ukunikela izwi lomkhuleko ngalaba, khona-ke sizobabuyisela egumbini, lezi zoni esiphendukayo, khona-ke sizobiza labo abafuna uMoya oNgcwele, khona-ke sonke sibuyela emuva ndawonye, emuva lapha egumbini, khona-ke sizokhipha izethameli, khona-ke singahlala kuze kuphele.

228 Manje, nina bantu wozani lapha ekulahlweni icala ukuthi niyakholwa ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi niMfune abe nguMsindisi oqondene nani. UJesu wathi, "Uma unamahloni ngaMi, Ngiyoba namahloni ngawe phambi kukaBaba waMi, neziNgelosi ezingcwele ngaloloSuku. Kodwa uma uzofakaza ngaMi, noma uNgimele, Ngiyokumela ngaloloSuku."

Manje, asikhothamise amakhanda ethu.

229 Onomusa, Baba waseZulwini, siletha kuWe lababantu kulobubusuku, phezu kokuvuma izono, beza emanzini okwehlukanisa, ukuze bafafazwe kuwo, umphefumulo wabo—wabo ongahlanzekile, ukuze bagezwe emanzini ngeZwi, futhi balethwa ekuhlumelelisweni kokuPhila, behamba bengena kwengcwele manje, ukuba bahambe bangene eNkazimulweni yeShekina. Ngikhulekela ukuthi Uzoba nabo, futhi uzobasiza.

230 Thethelela sonke isono, futhi lapho beyongena egumbini ukuba baguqe phansi lapho benzela izwi lomkhuleko, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele uzogcwalisa ngamunye ngoMoya oNgcwele, futhi kwangathi kungafika nje okukhulu, ukuphophoza okukhazimulayo koMoya waKhe. Yenza abefundisi ngalababantu lapha, benze izisebenzi nabasizi kuwo onke amabandla, yokhela ngomlilo imiphefumulo yabo, bazi ukuthi abakwazi ukuhlala isikhathi eside kakhulu, ihora liyasondela lapho iNdodana kaNkulunkulu iyakufika khona.

231 Kwangathi bangathola ibandla elihle lasekhaya ndawondawo kulamabandla eVangeli eligcwele lapha, babhaphathizwe kukho ukuphenduka nokuthethelelwa kwezono zabo, bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi. Yizwa imikhuleko yethu njengoba siyinikela kuWe. EGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

232 Manje, abefundisi lapha, bazonihola ngasekhoneni ngqo, lapho esihlangana khona nani, emzuzwaneni nje, khona ngalendlela, nonke manje, macala onke nje. Sizohlangana nani phakathi lapho, emzuzwaneni nje. Woza ngapha ngqo, uzungeze ngqo ngakwesokudla, hamba futhi ulandele lomfundisi khona *lapha*, lapho nje sihlangana nani futhi. Khona emuva phakathi lapha, emzuzwini nje.

233 [Umfowethu uthi, "Mfowethu Branham?"—Umhl.] Yebo, mfowethu. ["Ngizibuzile nje, ngicabangile, ukuthi yilabo

abaphakamise izandla zabo ngomkhuleko."] Okomkhuleko na? ["Ya."] Okokugula. ["Ya."] Qhabo, kungokwensindiso manje, mfowethu.

Kulungile. Khona ngqo ngalendlela. Wena. . .Kulungile. Kunjalo. Wozani ngapha ngqo. Bazalwane abangabefundisi, qhubekani niphume.

234 Manje, bangaki lapha ongakamemukeli uMoya oNgcwele futhi ofuna ukwemukela uMoya oNgcwele na? Ungeza, sisacula kanye na? Bangaki esakhiweni ongakamemukeli uMoya oNgcwele na? Uma uJesu ubengeza kulobubusuku, uyazi ukuthi ubuzofanele ube noMoya oNgcwele, ngokuba, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye," uPhawu lukaNkulunkulu.

235 Abantu bayehluka, abantu bathi gcina usuku, noma wenze into ethize, noma into ethize wuphawu lukaNkulunkulu.

236 Lokho akukho ngokomBhalo, Kwabase-Efesu 4:30 kuthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube-lusuku lokuhlengwa kwenu." Bangaki okwaziyo lokho na? IZwi likaNkulunkulu lathi uPhawu lukaNkulunkulu nguMoya oNgcwele.

237 Manje, bese kuthi-ke yini uphawu lwesilo na? Ngukwenqaba uMoya oNgcwele, uphawu lokuhlubuka. Niyakhumbula, ezinsukwini zakudala ngenkathi icilongo, uNyaka weJubili ufika, necilongo lakhala, futhi zonke izigqila zazinelungelo lokuhamba zikhululeke na? Kodwa uma singakhethanga ukuhamba sikhululekile, sasiyiswa ethempelini, futhi bathatha usungulo futhi babhoboza imbobo endlebeni yaso, futhi sasesiphawuliwe zonke izinsuku zaso.

238 Futhi kuyini na? Endlebeni, lapho uNkulunkulu ekubizela ukuba wemukele uMoya oNgcwele, futhi uyaWenqaba, khona-ke uNkulunkulu umaka indlebe yakho lapho ongasophinde ufune ukukuzama khona. Niyabo? Khona-ke lolo wuphawu lokuhlubuka. Futhi khona-ke iBhayibheli lasho ukuthi lezizinsuku zokugcina ukuthi kuyobakhona izigaba ezimbili zabantu, Omunye enoPhawu olungumaka lukaNkulunkulu, uPhawu lukaNkulunkulu, omunye enophawu lwesilo. Ngabe kunjalo na? Manje, ufake olunye lwalezo zimpawu kulobubusuku. Uma kungumbuzo, kubeke phezulu emsamo, ngizongena kuleyondaba ngenzele nina.

239 Manje, uma ungakamemukeli uMoya oNgcwele, ujoyine ibandla nje, ungeza, ume lapha na? Lobu kuyoba ubusuku ukuthi abaningi benu, akungabazeki, beyokwemukela uMoya oNgcwele. Abefundisi abakahle, nabantu lapha, izisebenzi, bonke bahleliwe, njengokhiye wokusebenza. Futhi silapha. . .?. . .futhi ngempela uNkulunkulu ufumene umusa emehlweni akho, impela, uma nje ubungathola umusa emehlweni aKhe. Woza manje, Ufuna wena, Ufuna uze. Bonke

ongenawo uMoya oNgcwele, wozani manje sisacula elithi *Cishe Wakholiseka*.

Kulungile, dadewethu.

"Cishe wakholiseka," manje ukukholwa;
"Cishe wakholiseka," uKristu . . .

240 Manje, nifuna uMoya oNgcwele ofanayo owehlulela inhliziyo, Ofanayo owawuseBhayibhelini wenza lapha, wenza imisebenzi efanayo, Ulapha ukukugcwalisa njengoba Enza eBhayibhelini. Uzoza na?

. . . ukumema lapha, IziNgelosi zilibala eduze,
Imikhuleko ivuka ezinhliziyweni ethandekayo kakhulu; O zulane, woza.

241 Ake nginiculele ivesi elincane ngaphandle komculo:

Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ngukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya kaNkulunkulu, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

Izizwe ziyehlukana, . . .

242 Asilicule.

. . . u-Israyeli uyaphaphama,
Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zamadoda (emhlabeni wonke) zehlulwa ngukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze. (O, anifuni yini . . .?)

Izizwe ziyehlukana . . .

Kunjalo. Ziphi izingxoxo zenu zokuthula, iBig Four yenu, iNhlangano yeZizwe, yini enye na?

Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,

243 Uba yisizwe. Okokuqala e . . . emihlanu, iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu, inkanyezi

enemicijo eyisithupha kaDavide iyabhakuza. "Nxa nibona umkhiwane uveza imiqumbe yawo."

> Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
> Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo; (Kwenzekani na?)
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe (O, mfowethu!), ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
> "Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."
>
> Usuku lokuhlengwa seluseduze,
> Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba;
> Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
> Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

244 Kuyini, mngani na? Lapho sizoguqulwa khona. Ukuhlengwa ku. . .Bukani izibonakaliso. UNkulunkulu wathi, "Ngezinsuku zokugcina," uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." INgelosi yeNkosi emhlabeni, ihlala enyameni yomuntu, phakathi kwabantu, yenza izibonakaliso nezimanga. Yonke into isimi ngomumo, izizwe, amabhomu e-athomu, o, izinkulumo zokuthula, nayo yonke into, njengoba bathi ziyokwenzeka, u-Israyeli evuka, umkhiwane uveza imiqumbe yawo, o, sisekupheleni, mngane.

245 Futhi, "Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo." Niyazi ukuthi iBhayibheli lithini ngabeZizwe. O, he! Kuzokwenzekani kulabo abanqunyiwe na? Ngakho woza uma ungenaye uMoya oNgcwele. "Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini." Ungeze kulobubusuku, futhi umele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Sizokhulekela laba, futhi sibaholele egumbini, lapho sikholwa ukuthi uNkulunkulu uzogcwalisa ngoMoya oNgcwele.

246 Bantwana, nina bantu abayigugu, omi lapha kulobubusuku: "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa."

247 Baba waseZulwini, sikhuleka umkhuleko wokukholwa phezu kwalababantu abami lapha abalambile futhi bomile, ubanika iZwi laKho, ubatshela ukuthi Wethembisa ukuthi babusisiwe ngisho ukoma, ngoba bafuna Wena, iZwi likaNkulunkulu lathi babusisiwe. Abantu abaningi abakufuni ngisho, khona-ke baqalekisiwe; labo abakufunayo babusisiwe, futhi Wathi bayogcwaliswa. Ngiletha lokho enkumbulweni yaKho kulobubusuku, Nkosi Nkulunkulu.

248 Futhi ngiyazi Uyakuzwa ukukhala kwabantu baKho, futhi Ulapha ukubakhulula, nokubakhipha ebugqilini, nokubafaka enkululekweni kaMoya oNgcwele, ngokuba kulotshiwe, "Lowo iNdodana emkhululile ukhululekile impela." Ngiyakhuleka,

Baba, ukuthi Uzobapha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele lapho bengena manje ukuba bawemukele. Ngibabeka kuWe, njengemiklomelo yaKho engimisayo kulobubusuku eMlayezweni wami ukwenza lokhu kubizela e-altare. Nkosi, ngibanikela kuWe ukuba ubanike uMoya oNgcwele, eGameni likaJesu Kristu.

249 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko wami na? Khona-ke ngena egumbini, landela lababefundisi, abanye babo lapha, abazoholela ngqo ngalendlela kuleligumbi lapha, lapho uzokwemukela uMoya oNgcwele, ngena khona manje.

> Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
> Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okuthiyayo;
> "Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."

Ake kanye kanye:

> Usuku lokuhlengwa seluseduze,
> Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba;
> Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
> Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.
>
> Abaprofethi bamanga baqamba amanga, iqiniso likaNkulunkulu bayaliphika,

250 O Nkulunkulu! Sisesikhathini sokuphela bafo, silapha, siyafika. Ungimiseleni Yena kulobubusuku na? Ukwenzeleni na? Angazi. Ningacabangi ukuthi ngisangene, ngazi kahle impela ukuthi ngikuphi. Kodwa ngiyamangala, "Kungani na?" Ngabe ukhona umshumayeli ongena lapho na? Ngabe kukhona okuthize na? Yini indaba na? Ingabe ubizo lokugcina lomunye umuntu na? Angazi. Kuyaxaka, angikuqondi. Kunjalo. Angikuqondi. Njengoba nje bengiza ovuthondabeni lomlayezo wami, Wama, wathi, "Lesi yisikhathi! Lesi yisikhathi! Khuluma ngokulunga kwaMi, futhi ubize." Futhi ngikwenzile, impela nje, ukuthi abantu bazozizwa beqinisekile.

251 Ngabe wonke umuntu phakathi lapha unombhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Phakamisani izandla zenu. Wonke onawo, phakamisani izandla zenu. Lokho kuhle. UNkulunkulu anibusise. Lokho kuyamangalisa. Kulungile.

252 Ngabe basekhona abagulayo nabahluphekile phakathi lapha, besesegumbini na? Phakamisani izandla zenu uma ufuna ukwemukela ukuphulukiswa kwakho manje. Ngikholwa ukuthi Uzoniphilisa nonke. Anikukholwa na? Kulungile, manje asenze njengoba senza ubusuku ngabunye, sibeke izandla phezu komunye nomunye. Uma u—uma uzwa . . . Uma u . . .

253 Wonke umuntu phakathi lapha niphakamise izandla zenu bebenoMoya oNgcwele, ubungeke ube noMoya oNgcwele ngaphandle kokuba yikholwa. Uma u—uma uthi unoMoya oNgcwele, futhi uphike amandla kaNkulunkulu, unesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla uwaphika, niyabo, ngakho awusuye umntwana kaNkulunkulu, unomoya womphikukristu. IZwi likaNkulunkulu liyothi, ngaso sonke isikhathi, Liyiqiniso, iZwi likaNkulunkulu.

254 Anijabuli, kulobubusuku, ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu...? Bukani lapha, kinina bantu bePentecostal, iBhayibheli lathi, "Uma nonke nikhuluma ngezilimi, futhi kungekho-mhumushi, bese kufika phakathi kwenu ongafundile, khona-ke uyowa phansi," (uNkulunkulu akubusise, ndodana.) "uyowa phansi futhi athi kini, futhi athi, 'Ngani, niyahlanya nonke!'" Kunjalo na? "Kodwa uma ekhona oyedwa oprofethayo futhi embule izimfihlo zezinhliziyo, khona-ke bayothi, 'Qiniso, uNkulunkulu unani.'" Ngabe kunjalo na? Niyabona ukuthi kukhonani eBandleni kulobubusuku na? UMoya kaNkulunkulu uhamba ubuyela ngqo phakathi, ngayo impela nje indlela uNkulunkulu athi Uyokwenza ngayo.

255 O, kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa, ngeke yini bafo na? UkuKhanya ku...Ngijabula kakhulu ukuthi KungukuKhanya, anijabuli na?

> Sizohamb'ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
> Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
> Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Asilicule kanyekanye:

> Sizohamba ekuKhanyeni, lokhu ukuKhanya okuhle,
> Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
> Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe.
>
> Nonke nina bangcwele bokuKhanya memezelani,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe;
> Khona-ke izinsimbi zaseZulwini zizokhala,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe.

Asiphakamise izandla zethu manje, futhi silicule:

> Sizohamba kulokhu kuKhanya, KungukuKhanya okuhle kakhulu,
> Kufika lapho amathonsi amazolo omusa ekhanya khona;
> Kusikhanyisa ndawo zonke emini nasebusuku,
> UJesu, ukuKhanya kwezwe.

256 Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. “Wozani nina bangcwele, bokukholwa nimemezele, uJesu, ukuKhanya kwezwe.” Nithunyiwe, bangane, njengekholwa, ukuba nibeke izandla phezu kwabagulayo; Ukuthuma kukaNkulunkulu ukubona ukuthi ba, isithembiso sikaNkulunkulu, njalo, ngukubona ukuthi bayasinda, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

257 Nkosi Nkulunkulu, ngizamile ukuKulalela kukho konke. Ngibusisa lamaduku abagulayo nabahluphekile. UMoya waKho uzungeze isakhiwo sonke, kubo bonke abangcwele, ngabangcwele, kwabangcwele, uNkulunkulu enawe, ngawe, phezu kwakho, kuwe, uNkulunkulu ulapha, Ukhona. Siyalandela, sihamba ekuKhanyeni, njengoba EsekuKhanyeni. Sinenhlanganyelo omunye nomunye, ngenkathi iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza kukho konke ukungalungi, lisusa konke ukungabaza, nokwesaba, nokukhungatheka kithi, lisinika ukukholwa okuphelele nethemba kuNkulunkulu.

258 Manje, Sathane, ngikubizela ekunakeni okuthize, ngikucaphunela iZwi likaNkulunkulu. UJesu Kristu, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, nokunqoba phezu kwethuna, ukufa, nesihogo, phezu kwawo wonke umsebenzi owake wawenza noma onke amandla owake waba nawo, Wakuhhundula, awulutho ngaphandle komkhohlisi, futhi uyadalulwa ubusuku nobusuku.

259 Ungeke usabamba lamakholwa, anezandla zawo zibekwe phezu komunye nomunye, lelo yiZwi likaNkulunkulu. UJesu wathi, “Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe, bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

260 Phuma, Sathane! Ngiyakuyala ngoJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ukuthi usuke kulezizethameli zalababantu!

